# *Isono Esingenakuthethelelwa*

. . .?. . .Siyawacula lawomaculo, futhi kuyakhanyisa ebusweni bethu; ukucabanga ngemva kweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi ngeke sibe nesikhathi esincane. Kodwa niyazi, manje yisikhathi esifanele sisebenzele iNkosi, akunjalo na? Isikhathi kuphela esinaso sikulesi sikhathi esincane sempilo efayo, ngenkathi siselapha. Futhi ngikholwa ukuthi kusifanele ukubeka yonke imizuzu esingakwazi enkonzweni yeNkosi, senza okuthize. Akunandaba ukuthi kuyini, uma kungukucula, ukufakaza, ukwenza okuthize ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Cabanga nje, sizocula nje iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi ngemva kokufika lapho. Leyo yinkonzo yamaculo nje, kungukuthi nje, akukadluli impela lokho, niyazi, iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi. Ngakho-ke lokho kuzoba isikhathi esimangalisayo.

Manje siyamemezela kulobubusuku, nje . . . Kufanele ngihambe ekuseni ngiye e-Idaho. Ngihambile izinsuku ezimbalwa, ngibuye. Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu ethanda, sifuna ukuqala imvuselelo yemfashini endala, khona lapha etabernakele. Emavikini ambalwa alandelayo, sizokwazi konke ngakho, iNkosi ithanda. Nemvuselelo yokufundisa enhle, nje . . . Sifake izandla zethu embizeni yoju kulokhu ukusa futhi sibe nesikhathi esimangalisayo, esikhazimulayo. Futhi niyazi, kini nonke obungekho lapha, nigeje isikhathi eside impela. Lokho yisikhathi eside, amahora amabili, bengilapha ngifundisa. Futhi-ke ngivele ngazizwa ngikahle kakhulu, ngisanda kubuya phezulu eColorado, futhi ngizizwa ngikahle kakhulu nje, futhi ngakho-ke ngi—bengizoqala imvuselelo khona manjalo.

Futhi abanye abangani bami abathandekayo, abangakwazi ukwenqaba kubo, UMfowethu Arganbright, nabaningi babo abavela eCalifornia, iChristian Business Men, bangicelile ukuba ngihlangane nabo e-Idaho. Futhi ngifanele ngiye eCalifornia ekuseni; ngukhuphukele e-Idaho, okoLwesibili. Futhi behla ngoMfula iSnake, kanjalonjalo, bebefuna ngihambe nabo. Ngakho-ke ngangingenayo imihlangano ehleliwe, ngakho-ke mina . . . Niyazi, kukhona othile okwenzela okuthile okuhle, uyabathanda. Kunjalo. Baye bangiphatha kahle. Ngakho-ke ngangena ngase ngibuza iNkosi, futhi kwabonakala sengathi Ingitshele ukuthi kuyolunga kimi ukuba ngihambe, ngakho ngiyahamba-ke.

2 Bese-ke ngibuya, uNkulunkulu ethanda, futhi ngiqale imvuselelo, futhi ngibe nesikhathi esihle semfashini endala. Manje sifuna ukuba nikucabange, futhi nikhuleke ngakho, ukuthi uNkulunkulu uzovele avule amafasitela aseZulwini futhi athulule phansi uMoya wemvuselelo phezu kwethu.

3 Njengoba sishilo kulokhu ukusa, niyazi, amanzi kanye ne. . . Okwesibonelo, umfula, ngingasho. Manje, lapho i. . . Futhi ngesinye isikhathi lowo mfula ugijima kakhulu, futhi ugxuma futhi ugxumagxuma, kodwa awesenawo amanzi kuwo kunokuba unawo lapho uthule njengoba ungaba njalo. Kodwa unemvuselelo eqhubekayo, niyabo, nomoya uyavunguza phansi kuwo, futhi iwenze ugxume futhi uthokoze. Futhi okuhle ngalokho, untantisa zonke izinti nodoti, njengoba ngishilo, kungene ogwini.

4 Yilokho okwenziwa yimvuselelo, ivele isigxumagxumise nxazonke kanjalo ize ivele isithole. . . Siyagxumagxuma siya phansi *lapha*, futhi sigxumagxuma siya phezulu, futhi sigxumagxuma *laphaya*, nangale ukukhulekela *lokhu*, futhi phansi kumakhelwane, niyabo. Into yokuqala niyazi, iNkosi iyasambulela, "Niyazi, ubungafanele ukhulume ngalowomakhelwane, empeleni."

"Awu, ngizohamba ngimcele ukuthi aye esontweni."

5 Lokho kuthi ukugxumagxumisa inyela elincane liphume, niyazi. Ngakho yilokho esifuna ukukwenza kulesi sikhathi esizayo.

6 Manje, angifuni ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, ngoba ngiyazi ukuthi kusasa u—uMsombuluko, nosuku lomsebenzi. Futhi ngesikhathi semvuselelo, uma uNkulunkulu ethanda, sifuna nje cishe ihora eligcwele nengxenye, noma amahora amabili, lobusuku; inkonzo yamaculo, bese-ke ngingena ngqo ekufundiseni kweZwi.

7 Futhi ngicabanga ukuthi amaculo ayamangalisa, kodwa ungawona umhlangano ngamaculo, niyabo, amaningi kakhulu awo. Niyabo? Singacula, kodwa lokho indlu kaNkulunkulu eyikho, eyokuqondisa, eyeZwi, eyokuqondisisa, ukuyala, ukuthi siyazi ukuthi siziphatha kanjani ngokwethu. Futhi ngicabanga ukuthi niwathole kahle amaculo enu manje, njengoba bekunjalo nje kulobubusuku. Lokho kukahle kakhulu.

8 Manje, ngalesi sikhathi, sizoba nezipesheli ezithile, kunjalo. Asikwazi ukuzibeka zonke ngobusuku obubodwa, kodwa, ubusuku emva kobusuku, sizoba nezipesheli.

9 Futhi sifuna ukuthi nimeme abahlobo ukuba bangene, futhi, ngoba kungadingeka nikumemezele kanye nje, uma sesibuya. Futhi kubhekeni. Futhi sizofaka isikhangiso esincane ephepheni, futhi—futhi phumani nonke. Manje, ngeke kube yinkonzo yokuphilisa. Kuyoba imvuselelo.

10 Manje, imvuselelo ayisho ukuletha abaphendukile abasha. Imvuselelo isho ukubavuselela asebephendukile kakade. Niyabo? Ingabe, i*mvuselelo*, isho "ukuvuselela," niyabo, "ukukhulisa," "ukwenza impilo futhi." Futhi ibandla, ngesinye isikhathi, sithola ukuxega okuncane, futhi ngakho-ke sibheke

esinye salezo zikhathi zakudala, njengoba sasivame ukuba naso, kudala.

11 UGertie ungishayele ucingo esikhashaneni esedlule, futhi wathi yena noDadewethu u-Angie bazoza bazocula lelo elithi *Camp Meeting Time* (eminyakeni engamashumi amane edlule) benzele mina. Ngakho-ke silindele... Futhi—futhi utshele abanye abazalwane nodade bebandla ukuthi bonke bamenyiwe.

12 Manje, kulobubusuku sitadisha isifundo esijule kakhulu, esimenyezelwe kulokhu ukusa. Futhi ngiyawujabulela ngempela umoya wokungenisa izihambi nomusa woMfowethu Neville. Ngaso sonke isikhathi ezimisele ukuhlala emuva futhi asidedele siphumele phambili nakho konke. Umfowethu wangempela lowo. Adele ipulpiti lakhe, ngokufanayo nje njengoba kwakungelutho, ngakho-ke, ukwenza. Ngakho-ke, thina, ngiyamthakasela uMfowethu Neville, kakhulu kakhulu. Futhi ubelokhu ebambisana kukho konke engike ngamcela ukuba akwenze. Kade esemsebenzini ngqo ukukwenza, kanjalo nje, ngakho-ke ngiyamthakasela umfowethu onjalo.

13 Kulokhu ukusa... Kade sitadisha, okwezinyanga ezine ezedlule, noma into ethile enjalo, kwese 9... noma isahluko se 10 seNcwadi yamaHeberu. Siqala evesini le 8, futhi sadlula kwaze kwaba cishe ngelama 25, ngiyacabanga, kulokhu ukusa. Manje-ke, kulobubusuku, ngimemezele ukufundisa, uma iNkosi ithanda, ngo... *Isono Esingenakuthethelelwa*. Yisiphi isono esingenakuthethelelwa na?

14 Manje, ukuthola isendlalelo, sifuna ukubuyela emuva ekufundweni komBhalo, futhi sibuyekeze isitatimende nje, noma ezimbili, zanamuhla ekuseni, bese-ke ngingena kulendaba yevesi lama 25, noma ivesi lama 26, njalo, neleNcwadi yamaHeberu, isahluko se 10. Ake siqale ukubukeza cishe kusukela evesini le 19, futhi sithole izinto ezimbalwa.

15 UPawulu, ekhuluma lapha, uzama ukwehlukanisa umthetho nomusa. Umgomo, noma indaba enkulu, ukwehlukanisa umthetho emuseni. Futhi phakathi lapha uveza ukusondela kuKristu, ngomthetho; ukusondela kuNkulunkulu, ngoKristu. Futhi uyakuhlukanisa, ndawonye, ekhombisa lokho lapho zonke izingxenye zidlala khona. Futhi konke, emaVangelini, bonke badlala indima efanayo, kuphela kwakungaphansi kwesimiselo sesikhathi esehlukene.

16 Bese-ke siye saba lapho umkhonzi eza khona, enze umnikelo wakhe emhlatshelweni owophayo. Namuhla ekuseni siphendukele kuJobe, sikhuluma ngokwengqondo, sathola uJobe ephila ngaphansi kwezinsuku zomnikelo, nomnikelo wokushiswa. Futhi wacabanga ukuthi mhlawumbe ngenxa yokuthi kungenzeka ukuthi abantwana bakhe bonile ngandlela thize, ukuthi babengaqondi ukuthi babonile, uJobe wenzela abantwana bakhe umnikelo wokushiswa,

ukuze aqiniseke. Ngiyakuthanda lokho. Anikuthandi nina na? Ukukhathalela abantwana bakho! Ukwenza umnikelo wokushiswa, unikela umkhuleko ngaphansi komhlatshelo wokufa wemvu, ukuze abantwana bakhe bangalahleki, uma bonile, ukuthi uNkulunkulu uyobathethelela izono zabo.

17 Bese-ke siqhubeka ngoJobe futhi sithole, ekugcineni, ukuthi kwakhokhela kanjani. UNkulunkulu, ngemva kokuba uJobe esedlule esikhathini sakhe sokusolwa nezilingo. Ekugcineni kwakhokhela. UJobe akazange alahlekelwe ngisho nawoyedwa wabantwana bakhe. Wabuyiselwa zonke izimvu zakhe, izinkomo zakhe zonke, izinkabi zakhe zonke, amakamela akhe onke, ngokuphindwe kabili. Wase-ke uNkulunkulu ebuyisela, noma wamnika abantwana bakhe. Bonke babefile, emhlabeni; kodwa babelindele, eNkazimulweni, ukuba yena eze. Akukho namunye wabo owalahleka, niyabo. UNkulunkulu wanika uJobe amadodakazi akhe namadodana akhe. Kusho ukuthini ukuphila nokuhamba ekuKhanyeni okufanele uhambe kukho, ukuphila ngayo yonke imithetho nesimiselo sesikhathi, lapho Ebusa.

18 Siyathola eBhayibhelini, ukuthi uZakariya, uyise kaJohane umBhaphathizi, owayengumzala wesibili kaJesu, ukuthi wayeyindoda elungileyo. Nikuqaphelile yini emBhalweni na? "Umuntu olungileyo, ephila ngaphansi komthetho," futhi endlini yakhe kwakunemikhulelo eyenziwa njalo. Nomkakhe, u-Elizabethe, wayeyinyumba. Futhi kwakunguMoya oNgcwele oweza kuye ngesimo . . . noma, uGabriyeli, kwakuyiyo, ingelosi enkulu. Ngenkathi esenza umnikelo wakhe, wokuzulisa impepho, eshisa impepho, ngenkathi kwakwenziwa imikhuleko ethempelini, ukuthi ingelosi enkulu uGabriyeli iza kuye, ngoba wayehamba kukho konke ukuKhanya ayefanele ahambe kukho.

19 Yilokho kuphela uNkulunkulu angakudinga kithi, konke ukuKhanya okufanele sihambe kukho.

20 Lapho yilapho iVangeli, i—into yengqondo yeVangeli, yayehlulekile ezweni labahedeni, ngenxa yokuthi silethe nje ukwazi kwengqondo kuphela, noma isayense yezenkolo ethile, njalo, umuntu othize akwenzile. Futhi, kulokho, sikwethule kubo, futhi akusanamthelela ukwedlula ukukhonza kwabo uqobo ababenakho.

21 Uma, ngamanye amazwi, uma befundiswa ukuthi ilanga lingamandla amakhulu futhi lilawula umhlaba. Liyakwenza, ngomqondo othile, kodwa, khona-ke, bakholelwa ukuthi lelolanga linamandla, ukuthi ngelanga kuvela izintshalo, ngelanga kuvela ukuphila, ngelanga kuza . . . Awu, lokho kuyiqiniso impela, kodwa ilanga liyindalo yoMdali kuphela.

22 Sasinoyedwa emsamo lapho. Manje mhlawumbe nizitholile izincwadi zakho, abaningi benu abazi izithunywa zevangeli nezinto phakathi lapho. Omunye akhuphuke . . . Bayahlala futhi babheke ilanga baze baphuphutheke

ngokuphelele. Futhi bayezwa, uma ilanga lizokhipha amehlo abo, khona-ke abakwazi ukubona isono nezinto zezwe, baphuphuthekile ezweni, futhi, manje-ke, ekwenzeni lokho, ngani, "bazosindiswa." Manje, yilolo lonke ulwazi abanalo ngoNkulunkulu. Bafundiswe lokho, ukuthi bakholwa ukuthi yilokho okufanele bakwenze, ukwenza umhlatshelo, ukuze babe namehlo abo ekhishwe yilanga, "bazosindiswa."

23 Abanye bahamba emlilweni; balale phezu kokuhlabayo; baphakamise izandla zabo, bathi abasoze behlisa izandla zabo baze bathole ukuthula. Futhi izinzipho zabo zikhula ngemuva kwezandla zabo, *kanjalo*, iminyaka neminyaka neminyaka, nezinzipho zeminwe zikhula zehle. Bangalokothi bavule isandla sabo; basiphakamise, behamba kanjalo. Abaqotho, abaqotho ngokuphelele, kodwa abanalo iVangeli.

24 Manje, futhi, lokho, kungumsebenzi wethu ukubona lezozidalwa ezifayo, njengoba sinjalo nje . . . Futhi, empeleni, bangabafowabo kithi, njengoba inyama ishisekelo, ngoba uNkulunkulu ngegazi elilodwa wenza bonke abantu. Wonke umuntu, sonke isidalwa esingumuntu, siphuma emthini owodwa, u-Adamu, ekuqaleni. Manje, manje-ke, ngalokho, kuyimisebenzi yethu, njengabazalwane abangamaKristu, ukubathathela iVangeli leqiniso nephilayo. Khona-ke, phakathi lapho, lapho oyedwa ezoba yiloluhlobo, omunye ukhonza izilwane ezincane, nezinambuzane, kanjalonjalo. Khona-ke, niyabo, bakhonza isidalwa esikhundleni soMda- . . . uMdali. Khona-ke lapho bezwa iVangeli leNkosi uJesu . . . Bakuzwile izikhathi eziningi, ekuphileni kwezithunywa zevangeli, ukudlulisa izincwajana, nokunye nokunye. Bathi . . .

25 Ngathi, "Bangaki kinina madoda ahloniphekile owaziyo ngeNkosi uJesu na?" Ngamunye wabo. "Bangaki kini abakholwayo ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu na?" Akukho namunye wabo, niyabo. "Awu, nicabanga ukuthi Wayeyini na?"

"O, Wayengumfundisi, njengoba nje owethu wayenjalo," njalonjalo. Niyabo?

26 Ngoba, lokhu, ukuthi akukho lutho, nganoma yimuphi wonkulunkulu babo, olungaveza noma yimiphi imiphumela yemvelo. Kodwa ngeVangeli leNkosi uJesu Kristu uyofeza lonke iZwi Alisho. Futhi lokho kunjalo. Lokho kwenza umehluko.

27 Ngenkathi lendoda empofu imile lapho, iphuphuthekile, yayingakaze ibone iminyaka neminyaka. Ngathi, "Inkolo yenu ingayenzelani le ndoda na?" Lutho, kusobala. Ngathi, "Kodwa uJesu Kristu angambuyisela ukubona kwakhe manje," futhi Wakwenza. Ngakho, lobo u—lobo ubuqiniso beVangeli.

28 Manje, uPawulu lapha, ekukhulumeni kumaHeberu, wayezama ukutshela abantu ukuthi indlela yokusondela kuNkulunkulu kwakungoMhlatshelo ovuzayo weNkosi uJesu

Kristu. Usondela kanjalo-ke kuYe, kungoJesu, ngokuba UyiWundlu elisusa isono sezwe. Futhi uNkulunkulu wakuvuma. Futhi manje wathi . . .

29 ETestamenteni eLidala, ngenkathi beletha iwundlu, benza umnikelo wabo, umhlatshelo wabo; balibamba iwundlu ngekhanda lalo, lapho lisavevezela futhi lifa; igazi lindiza kuye wonke umfo omncane, lapho umthambo omkhulu wegazi entanyeni wawusikwa; base-ke beqonda ukuthi lelowundlu lalifa esikhundleni sabo. Manje-ke, babuyela baphuma, nonya lwenhliziyo olufanayo ababenalo ngenkathi bengena. Isifiso esifanayo sokuphinga, isifiso esifanayo sokuqamba amanga, isifiso esifanayo sokweba, nokubulala, nokunye nokunye.

30 Kodwa, indoda yake yabeka isandla sayo . . . O, he! Indoda ibeka isandla sayo phezu kwekhanda likaJesu Kristu, bese ivuma isono sayo, izwa izinhlungu nobuhlungu baseKalvari, lokho isono, lokho Ayefanele akukhokhe ukuhlenga umuntu esonweni! NoMoya oNgcwele, ovela eGazini likaJesu Kristu, uyeza uhlanza leyondoda. Uyaphuma, isidalwa esisha, futhi kuba kanye unomphela. Uphuma engumuntu ohlukile. Uphuma nayo yonke inkinga yesono ixazululwe ingunaphakade. "Ngokuba ngoMhlatshelo owodwa," kusho umBhalo lapha, "ubaphelelise kuze kube phakade labo abangcwelisiwe." Futhi Wathi, "UMoya oNgcwele ufakaza okufanayo." Niyabo?

31 "LowoMhlatshelo owodwa, kuze kube phakade, Wenza umnikelo waKhe, enikela ngokuphila kwaKhe uQobo, uhlala phansi ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu. Futhi sinomPristi oMkhulu ohlezi koMkhulu kaNkulunkulu, eBukhoneni boMdali omkhulu, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu."

32 Kwase kuthi lapha, evesini le 19:

> *Ngakho-ke, bazalwane, njengokuba sinesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu,*

33 Cabanga ngakho, akukho ukwesaba! Leyo yinhlupho enkulu kunazo zonke ekhona ebandleni lamaKristu namuhla, ngukuthi, "saba." Futhi isizathu sokuba besabe yingoba abafundiswanga kahle, futhi bazinza kahle, eVangelini.

34 Asikho isizathu nhlobo sokuthi kungani le ndawo encane lapha ingabi isidleke saMandla kaNkulunkulu, ihlokoma ngeNkazimulo kaNkulunkulu, indiza ivela kuyo yonke indawo. Lembobo encane endala odongeni lapha, cishe impela, yaziwa emhlabeni wonke, lendawana encane enihlezi kuyo kulobubusuku; ngoba hhayi okukaWilliam Branham, kodwa ngenxa kaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, neVangeli abalilwela. Qhabo, mnumzane, ngangingahlanganise lutho nakho, lutho nhlobo. KwakunguYe Owakwenza, futhi wenza indawo yaziwe emhlabeni jikelele, lapho kwakungelutho ngaphandle kohlaka okuncane lwamadola amakhulu ayishumi

nanhlanu, noma into efana naleyo, lalungiswa phezulu lapha, lungenaphansi kulo. Kodwa nguNkulunkulu uMninimandla onke ozenzayo lezo zinto. Manje Usekwenzile . . .

> . . . sine*sibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu,*
>
> *Ngendlela entsha nephilayo, . . .*

35 Hhayi indlela endala. "Ngendlela entsha nephilayo." Leyo kwakuyindlela efile, uhlelo lomthetho; kodwa manje singena ngomusa, ngoMoya oNgcwele. O, ngethemba ukuthi niyakubona. Akukho obungakwenza. Umthetho wawuyimisebenzi, "ningathinti, ningababambi, ninganambithi, ningayidli inyama, gcinani amasabatha, ukuthwasa kwenyanga," zonke izinhlobo zokukhonza, lokho okwenziwa umuntu. Kodwa kule "ndlela entsha nephilayo," akusiyo into ebesingayenza. Yilokho Asenzela khona, ngomusa. Siyakwamukela nje. UKristu ususa isono. SiyaKukholwa. Yizwani iVangeli, Likholwe, Lemukele. Bese kuthi-ke uma siLemukela ngempela, ekujuleni kwenhliziyo yethu, uNkulunkulu usinika uMoya oNgcwele, njengofakazi.

36 Khona-ke uMoya oNgcwele uyafakaza kuwe ukuthi izono zakho sezihambile, futhi ufile ezweni. Uvuka ebusheni bempilo, ukuhamba impilo entsha, ukuphila impilo entsha, ukuphila eMandleni naseBukhoneni bukaNkulunkulu. Ungabe usathwalwa yikho konke, kodwa ukuhamba ngokukaMoya, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. KwabaseRoma 8:1, athi, "Ngakho-ke akusekho ukulahlwa kwabakuKristu uJesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokukaMoya."

37 Manje, kwabaningi benu bantu lapha, izivakashi ezivela kwamanye amabandla, angifuni nicabange ukuthi ngingumuntu oqophisanayo kwamanye amabandla, futhi ngizama ukumbambatha lelibandla. Engizama ukukwenza wukukhipha okwenyama kulelibandla. Futhi lokho kuyinto esemqoka. Nginokuyinqwaba okumele ngikwenze. Kodwa, ukuzama uku—ukwenza lokho, sigcine iminyango yethu uqobo ishanelwe yonke lapha. Kodwa ekwenzeni kanjalo, sifanele sisebenzise ezinye izibonelo. Futhi niyazi, bazalwane, ebandleni lenu, sonke sidinga ukushanela konke, nxazonke. Niyakuqonda lokho.

38 Ngakho-ke, into yakho ingukuthi, ukubona ukuthi uNkulunkulu akazisi noma iyiphi inhlangano nanoma yimaphi amaqembu abantu. Uma uyiMethodisti, Akakwazisi ngoba uyiMethodisti. Uma uyiPentecostal, Akakwazisi ngoba uyiPentecostal. Wazisa umuntu ngamunye kuphela, amen, ozelwe ngokusha, wazalwa kabusha ngoMoya oNgcwele, futhi wenziwa isidalwa esisha kuKristu Jesu.

39 Akazazisi izinhlangano. Akayazisi imibuthano emikhulu. UNkulunkulu akezi neze emibuthaneni emikhulu ngoba umbuthano omkhulu. Uza ngoba izinhliziyo zinhliziyonye futhi

ziMlindele ukuthi afike. Bukani uJesu, ebandleni elithobekile kunawo onke, "ababili noma abathathu behlangene ngeGama laMi."

40 Manje, ngishilo kulokhu ukusa, futhi ngizokusho futhi manje nje, ukuthi ibandla lethu—lethu elincane lapha, ngokuqondene nathi, sizama ukuma eZwini elingonakalisiwe likaNkulunkulu. Kufanele kuvele *Lapha*.

41 Amabandla, lapho behlela amabandla abo, izinto abazenzayo, bavimba izibusiso zikaNkulunkulu, ngesayense yabo yezenkolo, ukuthi uNkulunkulu angeke adabule ukuze abusise abantu baKhe. Bathola ibandla labo lingeligcina umthetho kakhulu, ligongobele kakhulu futhi liyisitashi kakhulu, kuze kuba uMoya oNgcwele ungeke ukwazi ukungena ebandleni. Bese kuthi-ke lapho udeveli ebona ukuthi wayenze lokho, futhi abanye babezofohla noma kanjani, khona-ke wabenza ukuthi bavule eminye imigudu okwakungesilo iVangeli, futhi wabakhiphela ebuhlanyeni. Kunjalo. Niyabo? Kuphakathi kokuthi baba yisigejane sezinhlanya, noma isigejane sezitashi. Kodwa maphakathi nomgwaqo, kukhona iVangeli leNkosi uJesu Kristu.

42 Njengoba ngikhulume kulokhu ukusa, futhi ngisekela lokhu manje kulombuzo omkhulu engilungiselela ukuwubuza emizuzwaneni embalwa, yilokhu, ukuthi umuntu uthatha umoya womunye. Qaphela ukuthi awutholi umoya womuntu esikhundleni sikaMoya weNkosi. Ngena ebandleni, qaphela indlela umelusi enza ngayo, futhi wena uzobona indlela abantu abenza ngayo. Niyabo? Uma umelusi eyisitashi ngempela futhi eqinile, abantu bayoba ngendlela efanayo. Uma ungena lapho okunonya nokushiseka okweqile, abantu bayoba ngendlela efanayo.

43 Ngakho-ke, bazalwane, sifanele sibonge lapha, etabernakele kulobubusuku, ngomfundisi ohluzekile engqondweni, onengqondo, futhi oshumayela iVangeli elilula, eligcwele, elikhululekile, nasemandleni aLo. Yebo, mnumzane.

44 Uma kukhona engifuna ukukumela kahle, kulelizwe, uma ngingameli isintu kahle, Ngifuna ukumela uJesu Kristu ekuPhileni kwaKhe.

45 Ngifuna ukuba ngumKristu weBhayibheli. Lokho iBhayibheli elikushoyo, yilokho engifuna ukukukholwa. Akunandaba ukuthi ubani ongavumelani, noma ubani ovumelanayo, angixabene nabo, kodwa ngifuna ukukholwa iBhayibheli. *Leli* yiZwi likaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi Lelo yicebo lensindiso ngempela. IZwi likaNkulunkulu liwukuphela kweDwala eliyoke lime futhi lintengezele iminyaka, yiZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula." Ngakho-ke ngikholwa ukuthi *Leli* yiQiniso. Ngabe uNkulunkulu . . .

46 Ngikusho ngokuzithoba phambi kwebandla lami elincane kanje. Angikwazanga ukukusho emihlanganweni emikhulu, ngoba babeyokhetha kukho, kanjalonjalo. Kodwa, njengomboni uNkulunkulu amkhombisa imibono, lokho akungenzi ukuba ngibe ngaphezu kwalesosidakwa esiphenduliwe emizuzwini eyishumi edlule, ndawondawo. Kunjalo. SingumKristu, ngokufanayo njengami, ngiya eZulwini elifanayo, ngijabulele izibusiso ezifanayo nezinto engingazijabulela, kumbe noma ubani omunye.

47 Abekho abantu abakhulu nabantu abakhulu eMbusweni kaNkulunkulu. Sonke simunye. Kunjalo. Wonke umuntu oyedwa nje, abafowethu nodadewethu. Noma ngabe siphuzi, simnyama, simhlophe, noma ngabe siyini, simunye kuKristu Jesu. Akukho DD, o-L abaphindwe kabili, nomfo omncanyana, abadikoni nabaqaphi, kumbe noma ngabe bayini. Bonke bayafana kuKristu Jesu, uMuntu oyedwa. Asikho ngaphezu komunye. Yingakho singabazalwane nodade eNkosini uJesu Kristu.

48 Bese kuthi-ke uma sihlangana ndawonye, sihlezi ezindaweni zaseZulwini, nganhliziyonye, inhliziyo eyodwa nganhliziyonye, khona-ke uMoya oNgcwele ungangena futhi usibusise, futhi usinike iZwi likaNkulunkulu eliligugu. Manje-ke, kulokhu, izikhathi eziningi, ngemibono, ngibone izinto.

49 Into yokuqala lapho othile engitshela, noma ngithatha kokuqoshiwe, ukuthi ngibone umbono futhi ngabikezela okuthile; ngaphambi kokuthi ngisho noma yini ngombono, noma yini, okokuqala ngihlola lowombono ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi uma ungahambisani neZwi likaNkulunkulu, ngiyothi ngiyothi u. . . Kuze kube manje, makabongwe uNkulunkulu, bekuhlezi kuhambisana neZwi. Kodwa uma kuke kuphambane neZwi likaNkulunkulu, ngiyothi, "Ungakulaleli, ngoba kungamanga." *Leli* yiQiniso, khona lapha, iZwi likaNkulunkulu.

50 Manje-ke, uma sifika sihluzile engqondweni, siphilile, kuNkulunkulu, uma sifika singenayo inzondo, noma yikuphi ukulimaza; ngenhliziyo evulekile, ezimisele ukufunda, uNkulunkulu uyakwazi ukufundisa. Lapho sizimisele ukufunda! Kodwa kumele siqale sibeke eceleni isiko, sibeke eceleni imibono esiyifundisiwe. Manje, ngiyazi umama wanifundisa izinto ezazizinhle kakhulu, kanjalonjalo, kodwa ngezinye izikhathi umama wayenezinto ezingalungile.

51 Nginomama ohlezi khona lapha, okungukuthi mina. . . yona kanye indaba engiza kuyo emizuzwini embalwa, wangitshela, eminyakeni edlule, ukuthi wayecabanga "isono esingenakuthethelelwa sasingowe—owesifazane ukuze. . . udaba lokukhipha isisu." Ngamanye amazwi, uthathe ukuphila komntwana, ngaphambi kokuba azalwe. Wathi, "Wayengake athethelelwe kanjani khona na?" Umama, ngokwazi kwakhe

konke, kukho konke lokho ayekwazi, lelo kwakuyiqiniso. Niyabo? Kodwa akusilo iqiniso ngokweZwi likaNkulunkulu, ngakho-ke lokho kwenza umehluko.

52 Ngakho-ke othile wathi, "Ngazalwa ngingumKatolika. Umama wayengumKatolika. Wangikhulisa ngingumKatolika. Ngizohlala ngingumKatolika."

53 Awu, ngakhuliswa ngiyiBaptisti, kodwa angihlalanga ngiyiBaptisti. Ngenkathi ngibona iZwi likaNkulunkulu lisho okuphambene nalokho imfundiso yeBaptisti eyayiyikho, Ngalikholwa iZwi likaNkulunkulu futhi ngavumela wonke amazwi omunye umuntu abe amanga. Lokho ngukuthi . . . Angixabene nendoda. Ngithi, "Mfowethu, yi*Lokhu* engikukholwayo. Ngisengumfowenu, kodwa ngiyakholwa ukuthi *Leli* yiZwi likaNkulunkulu."

54 Manje, futhi uma usuzinzile, ngokwesisekelo ulungile, khona-ke uba nesibindi sokungena.

55 Manje, ngiyabazi abantu, futhi nonke nifanele nivume, ukuthi sinabantu emaqenjini obungcwele, sinabantu emaqenjini ePentecostal, sinabantu e—amaqenjini amaNazarene, nakuyiPilgrim Holiness, nakwiMethodisti, neBaptisti, nabo bonke, abavele bazenze amaKristu, lawo akuwona amaKristu. Phansi ezinhliziyweni zabo bayazi ukuthi abawona amaKristu. Kodwa angikholwa ukuthi kukhona owesilisa noma owesifazane kunoma yiliphi lamaqembu, ongake abhekane noJesu Kristu futhi baphenduke ngeqiniso ezonweni zabo, ngenhliziyo eneqiniso, ezinikele ngokugcwele, ethi, "Nkosi, ngiyakholwa ngokweqiniso," kodwa lokho uNkulunkulu ayezokubeka phezu kwabo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele khona ngqo ngaleso sikhathi.

56 Manje, uyikholwa, kodwa uNkulunkulu akakwazisi ukukholwa kwakho Aze akufakazele kuwe. Amen. O, mfowethu, ake ngikutshele okuthize. Lapho ukukholwa kwakho . . . Kungase kwaziswe emicabangweni yakho uqobo, kodwa uma sekufika emicabangweni kaNkulunkulu, UNkulunkulu ubeka uphawu lokho kukholwa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. U-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, futhi uNkulunkulu wamnika uphawu lokusoka njengesibonakaliso sokuthi Wayemamukele. Haleluya! NoPhawu lukaNkulunkulu ophilayo, namuhla, (phenyani imiBhalo,) umbhaphathizo kaMoya oNgcwele phezu kwenhliziyo yomuntu. Amen. Kwabase-Efesu 4:30, uthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." UPhawu lukaNkulunkulu, ukwazisa kukaNkulunkulu njengekholwa, kukubeka uphawu eMzimbeni ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

57 Khona-ke uma ungazange ukhohliswe, ukukholelwa ulwazi lwengqondo oluthile, umuzwa othile, okuthile okunye... okungukuthi kulungile; Angimelene ngalutho nakho. Noma ngabe iyiphi indlela uNkulunkulu akunike Khona ngayo, lowo ngumsebenzi kaNkulunkulu, nowakho, niyabo. Kodwa uma umuntu eke azalwe ngoMoya kaNkulunkulu, uyomthola nje ngesibindi nangokuzithoba njengoba engaba njalo, akhuphukele esiHlalweni somusa futhi azi ukuthi unelungelo lokudla eMthini wokuPhila. Ngokuba, kukhona okwenzekile kulowo muntu ngamunye, onesehlakalo naye, ukuthi akakaze ayithole enye indawo emhlabeni. Futhi wonke owesilisa noma owesifazane ozelwe nguMoya kaNkulunkulu unesehlakalo ngaphakathi kubo uqobo, ukuthi bazi ngokuqondile, ngenkathi kwenzeka, ukuthi kwenzeka kanjani, nokuthi kwaba nohlobo olunjani lomthelela kubo. Wonke owesilisa nabesifazane abake bazalwa ngoMoya kaNkulunkulu, kukhona okwenzekayo, into ethile nje iyashintsha. Kungukuthi... Kuyini na? Kungukuguqulwa.

58 Njengoba sishilo kulokhu ukusa; uneshidi elidala lapho, lingcole nje njengoba lingaba njalo, ligcwele uyinki nakho konke okunye. Akukho okungakususa. Cwilisa lokho phansi ethinini eligcwele isisusamabala iClorox, noma kubhavu, ulikhiphe ulibuyise, limhlophe nje njengoba lingaba njalo. Yilokho iGazi likaJesu Kristu elikwenzayo ekholweni elivuma isono salo. Lathi:

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.

59 Bese-ke, lapho uNkulunkulu enyakazisa ishidi futhi ebona ukuthi lomiswe yimimoya engcwele kaNkulunkulu iza njengomoya onamandla ovunguzayo ovela eZulwini, Yena uthatha uMoya oNgcwele futhi akubeke uphawu lokho oSukwini lokuHlengwa kanjalo.

60 Bese-ke udeveli ebuka kuloloPhawu, angeke eze kuWo. AngaWugcona, futhi aWuvungazelele, futhi aqophisane naWo, kodwa angeke afinyelele kuWo. Kunjalo. Angeke aWuthole, ngoba kukhona uPhawu lukaNkulunkulu olumenqabelayo, haleluya, olumenqabelayo ukuba aWuthinte. Leyo yimpahla kaNkulunkulu yangasese. Haleluya! Yebo, mnumzane.

61 Yilokho okwenza umuntu ahambe ngesibindi. Abakwesabi ukuhlubuka. Qhabo, mnumzane. Abakwesabi lokho uSathane akushoyo.

62 Kukhona into eyodwa ngakho, ungahamba ubhekisele emizindlweni yakho, futhi ungazivalela wena uqobo ekudlinzeni. Ungazami ukukuzindla. Yithi, "Manje ake ngibone. Mhlawumbe ngizokwenza *lokhu*." Ungakuzindli.

Kukholwe. UNkulunkulu akezi ngomzindlo. Konke ku, konke okungenangqondo; akekho umuntu ongaqonda uNkulunkulu. Awukaze wenze, futhi awusoze. Awumazi uNkulunkulu ngokuzindla.

63 Wazi uNkulunkulu ngokukholwa olulula okufana nokomntwana, ukwamukela iZwi laKhe. Wena yithi LiyiQiniso, futhi uLikholwe. Nimazi kanjalo-ke uNkulunkulu, kungokukholwa; hhayi ngokuzindla, amandla akho okuzindla ngaphakathi kuwe uqobo. Kodwa ukukholwa kuvela kuNkulunkulu. Ukukholwa yinto ezelwe kuwe, into uNkulunkulu akunika yona. "Futhi kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, nobufakazi bezinto ezingazindlwayo." Haleluya!

64 Kulapho okuvela khona, lapho, ngamandla angaxutshiwe eNkosi uJesu Kristu, enza isidalwa sibe umuntu omusha, embhaphathiza kabusha ngoMoya oNgcwele. Uyamgeza, amlengise, futhi ambeke uphawu eMbusweni kaNkulunkulu, bese-ke eyasukuma, azi ukuthi ukuphi. Bonke odeveli esihogweni abakwazanga ukumnyakazisa asuke kukho. Ungase ujikise umshinigani kuye . . .

65 Sekuzanyiwe kakade. Emavikini ambalwa edlule, ngangena emangcwabeni lapho amathambo amadala nezingebhezi, cishe okuningi *kangako* nje kwakho okusele, lapho abangcwele nabafel' ukholo bafela khona. Ngema enkundleni lapho ababephakela khona amabhubesi, nakho konke okunye. Futhi ngaphandle kokucwayizisa iso, baya ekufeni; bazi lokhu, ukuthi bona "baMazi eMandleni okuvuka kwaKhe," ukuthi ngolunye usuku, benyakaza, bayophuma lapho, abangcwele bakaNkulunkulu ophilayo abagezwe ngeGazi. O, mfowethu, umuntu oseke waxhumana noNkulunkulu akasakwazi ukufana.

66 Ngiyakhumbula ngenkathi lowo legiyoni omdala, lowomfo omdala ephuma lapho ukuyohlangana noJesu Kristu, emiqondweni yakhe emibi. Futhi odeveli babekade bengene kuye waze waba ulegiyoni. Kodwa kanye nje eBukhoneni bukaKristu, waya ekhaya ukuyotshela abantu bakubo ukuthi yiziphi izinto ezinhle uNkulunkulu ayezenze kuye.

67 Bathi leyo nkolo iyakuhlanyisa. Ayikuhlanyisi. Awukho emqondweni wakho olungile uze uthole uJesu Kristu, ngokuba nguYe kuphela uMqalisi wokuPhila, Ongakunika ingqondo yakho elungile.

> . . . khona-ke sine*sibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu* Kristu, (amen)
>
> *Ngendlela entsha nephilayo, asimisele yona, edabula isihenqo, okungukuthi, inyama yakhe;*

68 Inyama yenzani na? Inyama imboza ngeveli igazi kuphela. Igazi liwukuphila. Yiyo kuphela indlela egcina ukuphila emzimbeni wami, ungowesikhumba, nenyama, nezicubu nomsipha, nokunye nokunye, ukubamba igazi ezindaweni zabo,

ukuze bakwazi ukunika ukuphila kulelitabernakele engihlala kulo. Ingabe kunjalo na?

69 Yilokho okwamboza ngeveli uNkulunkulu esintwini, kwakuyiGazi nomsipha nezikhumba zikaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Ukuzalwa kwaKhe okungaphingiwe, Lowo uNkulunkulu uBaba asibekela intombi uMariya futhi wadala kuye ingqamuzana leGazi loBuYena uQobo, indalo. Futhi, phakathi lapho, isikhumba saKhe saKugcina kumuntu.

70 Kodwa ngolunye usuku isono somuntu savula inhliziyo yaKhe, ngomkhonto, neGazi laKhe lageleza emhlabathini. Kwanikelwa ngesihle ngenxa yezono zezwe. Futhi kuyembulwa namuhla. Futhi lapho leloGazi liphuma, kwafika noMoya futhi. Futhi ngokugezwa kwamanzi ngeGazi, ngoMoya, sizalelwa embusweni kaNkulunkulu, izidalwa ezintsha kuKristu Jesu.

71 Futhi uNkulunkulu wathatha lowo mzimba ofileyo, othule ulele ethuneni, futhi wawuvusa ngenxa yokulungisisiswa kwethu, ehlezi ngakwesokunene sobukhosi baKhe, kulobubusuku, enza ukunxusela. Sifanele sibe uhlobo olunjani lwabantu, ngobugwala, sihlehle, wesaba ukusho kumphathi ukuthi usindisiwe, noma uzelwe kabusha, wesaba ukufakaza esidakweni na? "Sinesibindi," haleluya, "ukungena endaweni eNgcwele ngeGazi likaJesu Kristu."

72 O, kuzobiza . . . Bazokubiza ngomgingqiki ongcwele. Bazokubiza ngayonke yonke into. Mehluko muni lokho na? BaMbiza ngo "Belezebule." Niyabo? Kodwa, kwenza mehluko muni, lokho abakubiza ngakho? Yilokho uNkulunkulu akubiza ngakho. Izwe lathi, "Umgingqiki ongcwele! Ongazi lutho! Ukushiseka ngokweqile!" Ibandla lathi, "Uhambe emzileni ongafanele. Yena, Usangene."

73 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Lena yiNdodana yaMi." Ngincamela lokho kunakho konke ukudunyiswa komuntu. Angifuni indoda engimbambatha emhlane. Ngifuna uKristu angibambe ngesandla. Amen. Ingabe lobo ubufakazi bakho na?

74 Kungikhumbuza ngoDavide omdadlana, ngesinye isikhathi, ngenkathi umphongolo wawukade uphansi phakathi kwamaFilisti, kanjalonjalo. Imvuselelo yayiphumile, ka-Israyeli. NoDavide wayemile, ngolunye usuku, futhi wabuka ngaphesheya kwegquma futhi wawubona umphongolo uza. Ufanele abe ngumgingqiki ongcwele. Wangena ekusineni nasekugijimeni ezulazula, ngamandla akhe onke. Nozoba ngumkakhe wahlekisa ngaye. "Ngani," wathi, "awukuthandi lokho na? Hhe? Bheka lokhu!" Futhi wehla lapho, futhi wazungeza futhi wazungeza umphongolo wahamba, esina, ngamandla akhe onke.

75 Umkakhe waba nehlazo lilethwe phezu kwakhe. Wenziwa inyumba. Futhi akazange azale abantwana ukuba baqhamuke. Negama lakhe kwa-Israyeli lafa.

76 Kodwa nakhu okwenzekayo. UNkulunkulu wabheka phansi esemaZulwini, futhi wathi, "Davide, wena uyindoda yenhliziyo yaMi uQobo." Yebo, mnumzane.

77 Ngingamane ngibe nalokho kunakho konke ukuthandwa ngabesifazane, abesilisa, kumbe noma ngabe bekungubani kulomhlaba. Ngingamane ngibe nomusa kuNkulunkulu; UNkulunkulu uthi, "Nginenceku eNgingafaka umunwe waMi kuyo, futhi izoNgikholwa futhi iNgithembe." Kunjalo.

78 Angeke ukwenze ekuvumeni okuyisigamu sendlela. Angeke ukwenze ngengqondo enithiwe. Ufanele ukwenze ekukholweni okucwebileyo okumsulwa ngeGazi likaJesu Kristu. Ungenile phezulu Lapho futhi uyazi ukuthi uthinte uNkulunkulu ngesandla, futhi uyinceku yaKhe. Awusabi lutho-ke. "Singene ngendlela entsha nephilayo, ngaleliGazi, ngeveli yaKhe eyaLimboza ngeveli." Ukuqhubekela phambili kancane nje. Ngokuba . . .

> *futhi sinompristi omkhulu phezu kwendlu kaNkulunkulu,* onguKristu; (lalelani lapha)
>
> *Masisondele ngenhliziyo eqinisileyo,* nangonembeza we . . . no*kholo,* nonembeza wethu ufafazwe nge— nge . . . ebubini, *nemizimba yethu igezwe ngamanzi acwebileyo.*

79 Sidlule kukho kulokhu ukusa. Manje amanzi . . . *Fafaziwe* lapho kusho "nyakazisiwe." Unembeza wethu, kanye nenkinga yesono, ububi nobumnyama kwanyakaza kukho. "Futhi ngemizimba yethu igezwe ngamanzi ahlanzekile," ngombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu.

80 Hambani ngokukhululeka nangesibindi nize kuNkulunkulu, nazi lokhu, ukuthi, "Ububi engangibuthanda sebudlulile, ngazi ukuthi impilo engake ngayiphila isiphelile. Hhayi ngoba ngikwenzile; ngoba Into ethize ingene kimi futhi ikwenze Yona uqobo. Ngomusa Wangisindisa. NgaMkholwa. Unginika uMoya oNgcwele. Izinto engangizizonda, sengiyazithanda manje. Umhlatshelo, kwakuvame ukuba nzima kimi ukuya esontweni; ngiyathanda ukuhamba manje. Ukuzwa abantu becula futhi bememeza futhi befakaza, ngangivame ukukuzonda; Ngiyakuthanda manje. Kukhona okungishintshile. Manje-ke, ngine 'ndlela entsha nephilayo.' Kukhona okugxilise okwehange *lapha*. Ngiyazi ngenkathi ngehlela emanzini, futhi bangibhaphathiza eGameni leNkosi uJesu Kristu."

81 Wathi, "Phendukani, nibhaphathizwe yilowo nalowo eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele."

82 Ngiye ngaphikiswa, kwaqophiswana nami, ngaxoshwa, kwahlekiswa ngami, akwenzi nomnci umehluko. "UNkulunkulu washo njalo, futhi ngiyakukholwa! Futhi Kunjalo impela."

Wama khona lapho, ngokufanayo nje, evayizelisa eqhubekela ezansi.

Wathi, "UyiJesus Only. Uyi-Oneness. Uyi*lokhu*."

83 Angikhathali ukuthi bathini. Ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso. Futhi angazi ukuthi kuthandwa ngabantu kangakanani, futhi lokho akwenzi mehluko ukuthi uba ngothandwa ngabantu kangakanani lapha. Kungukuthi uthandwa ngabantu kangakanani phezulu Lapho.

84 Omunye wamadoda amakhulu muva nje wacelwa ukuthi ashumayele lokho. Wathi, "Lelo yiQiniso, kodwa uma bengingasho lokho, ibandla lami liyohamba liphume."

85 Ngathi, "Ngingancamela ukushumayela ezindongeni ezine, iQiniso," UNkulunkulu unamandla okumvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe, "kunokuyekethisa ngeVangeli." Yebo, mnumzane.

86 Ngokuba, ngolunye usuku leNcwadi izongahlulela. Kunjalo. AmaZwi kaNkulunkulu, Lapho, ayoba nguMahluleli wami ngoSuku lokwaHlulela. Kufanele ngishumayele iQiniso kungakhathaleki ukuthi Lilimaza kanjani noma Lililimazani.

87 Lalelani lapha manje. Manje siyaqhubeka.

> *Masibambisise isivumo* sethu *sokukholwa singantengantengi; (. . .uthembekile* o*thembisile;)*
>
> *Masiqaphelane ukuze sivuselelane* omunye nomunye *othandweni nasemisebenzini emihle:*

88 *Vuselela* lapho kusho "ukukhuthaza." Khuthazanani othandweni nasemisebenzini emihle. Uma ubona umzalwane ebandleni, onento amelene ngayo nomunye umzalwane, ungasho okuthize ukuvusa leyonto, kodwa yisho into ezobahlanganisa. "Vuselanani emisebenzini emihle nasothandweni," yilokho okufanele sikwenze. Yini leyo na? Lowo ngumuntu ozelwe ngukusha.

89 Uma wena, mfowethu, kulobubusuku, ungazizwa ngaleyondlela lapho ubona abafowenu bexabana, namagama abukhali phakathi komunye nomunye, uma ungathandi ukubahlanganisa, sekuyisikhathi sakho sokuya e-altare. Kunjalo. Kukhona okwenzekile empilweni yakho. Kukhona okhohliswe kukho. Awunaso isipiliyoni uNkulunkulu afuna ube naso.

90 Ngokuba, uJesu, ngenkathi ethukwa, Akabange esaphindisela futhi. Futhi kwakhulunywa kabi ngaye, Akaphindisanga. Futhi ngenkathi Yena. . .Lapho benze okubi kuYe, Waphenduka futhi wenza okuhle kubo. Lapho beMhlupha futhi baMbethela esiphambanweni, Wabheka phansi wayesethi: "Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo."

91 Uma lolohlobo loMoya lungekho kuwe, uMoya oNgcwele akakaze angene kuwe namanje, kungoba lowo kwakunguMoya ofanayo owawuKristu Jesu. IBhayibheli lathi, "Makube kuwe." UKristu useBandleni laKhe.

92 Manje, Tabernakele likaBranham, nina sigejane lapha, asinayo inhlangano, asinawo noma—noma yimaphi amakhadi okuphawula, noma okunye nokunye. Okuwukuphela kwento esinayo lapha inhlanganyelo. Futhi nina enihlanganyela kuJesu Kristu kanye nathi kulobubusuku, futhi nihlanganyela bonke ubusuku nangaso sonke isikhathi, sihlala sijabula ukuba nani lapha. Sifuna ube lapha. Akudingekile ukuba usijoyine. Thina . . . into kuphela okumele uyenze ukuthi uze ukhonze nathi. Futhi silindele ukuthi nonke nibambe imfihlakalo yeqiniso kaNkulunkulu enhliziyweni yenu, ngaphandle kokuntengantenga. Wozani ekukhonzeni futhi nize e-altare, kanjalonjalo, futhi nithandane, futhi nibe sekuzwaneni omunye nomunye.

93 Futhi uma ubona umzalwane ephuma endleleni, hamba uye kuye, futhi ubuyisane naye uma ungakwazi. Kunjalo. Yilokho okufanele sikwenze. Futhi, bangane, uma kuke kwenzeke wena . . . Wenzani, uma ungakwenzi lokho na? Uzenza isidalwa esidabukisayo kuphela, futhi hhayi umKristu, kunjalo, futhi konke okwenzayo kuyize.

94 Akashongo yini uJesu, "NiNgikhonza ngeze, nifundisa iziMfundiso imiyalo yomuntu na?"

95 Uthi, "Awu, ngijoyine ibandla. Ngifake igama lami encwadini. Ngenze lezi zinto." Lokho akuhlangene nangokukodwa nakho.

96 "Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, akasoze angena eMbusweni."

97 Qaphelani, ngiza manje evesini lokugcina, ngaphambi nje kokuba ngivale, noma ngaphambi kokungena endabeni yami enkulu. Khona-ke sizokwenza . . . Ngeke sinigcine isikhathi eside kakhulu.

> *Ningakuyeki ukuhlangana . . .* ni*hlangene* (ukuza esontweni), . . . *njengoba* ni*bona usuku lusondela,* kakhulu kangakanani.

98 Abantu abayeka ukuya esontweni. Amabandla aseqala ukuthuthwa manje. Impi isiphelile. Wonke umuntu wondlekile kahle, futhi unezingubo zokushintsha, wathola umsebenzi omuhle kakhulu, wazinza.

99 Abanaso isikhathi sokukulinda uma uya esitolo. Ngabizwa ngolunye usuku, ukuze ngilungise isithando sami. Wathi, "Sisifakile na?"

Wathi, "Qhabo, omunye umuntu, kodwa baphumile ebhizinisini."

100 "Bese-ke," wathi, "bheka abantu abaphumile ebhizinisini." Ya. Njengoba engenandaba nje. Muva nje, eminyakeni embalwa edlule, bebelokhu bencenga konke nokunci kwebhizinisi ababengakuncenga. Kodwa, banemali eyanele. Abanandaba; kuyeke kuhambe.

101 Kodwa ake nginitshele, lezozinto zizodla izimbobo ezinomdlavuza kuwe. Kodwa wathi:

> Ungafisi ingcebo yaleli zwe eyize,
> Ebuthuka ngokushesha kangaka,
> Funa ukuthola izingcebo zaseZulwini,
> Azisoze zedlula!

102 Ngedlule ekucindezelekeni. Ngedlule empumelelweni. Ngikubonile, ngokuphelele. Kodwa angeke ngidedele isandla sikaJesu Kristu, ngayo yonke imali nengcebo obungayinqwabelanisa ebusweni balomhlaba, nakho konke okunye. Yena unguMngane wami uma ngingenamali. UnguMngane wami lapho ngithola inala. NgiyaMthanda uma ngilambile. NgiyaMthanda uma ngisuthi. NgiyaMthanda uma ngisebuhlungwini. NgiyaMthanda uma ngijabule. NgiyaMthanda ngoba ngiyaMthanda, ngoba Yena wangithanda kuqala. Amen. Haleluya!

103 Ngenkathi ngigula, ngilele, ngifa, WayenguMngane wami. Lapho ngizizwa ngikahle, kulobubusuku, ngijabule, UsenguMngane wami. Ngenkathi ngilele ngaleya, ngifa, ndawo ndawo, nemithambo yami ebandayo ikhuphuka izingalo zami kanjalo, Uzoba nguMngane wami ngaleyonkathi. Futhi lapho lezi zintambo ezifohlokayo engihamba—hamba kuzo, zigqashuka, futhi ngibhobokela ngaphandle ngingene ePhakadeni, Uzoba nguMngane wami ngaleyonkathi. Lapho iminyaka iqhubeka, emva kweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi, usucule amaculo akho ejubili, Usazoba nguMngane wami ngaleyonkathi. Yebo, mnumzane. Lapho inyanga ingasekho, ilanga lingasekho, umhlaba ungasekho, Uzobe esenguMngane wami ngaleso sikhathi, njengoba iminyaka iqhubeka. O, besifanele siMthande kanjani!

104 Uyini umsebenzi wakho na? Yini noma yini onayo na? Kuyini ukuthandwa kwakho ngabantu na? Yini eyakho... Ungubani wena, empeleni na? Kunjalo. Ungubani wena ukuba ufulathele uNkulunkulu na? Ungubani wena ukuba wenqabe, ungalaleli iZwi elilodwa Ayolisho na? Ungubani wena ukuba uphendule ikhanda lakho eZwini likaNkulunkulu, ngoba omunye umshumayeli noma omunye umuntu ukutshele ukuthi Lalingelolunye usuku na? Ungubani wena ukukholwa umuntu esikhundleni sikaNkulunkulu na? Ukholwa nguNkulunkulu esikhundleni somuntu. Leyo yindlela yokuba umngane noNkulunkulu.

105 Manje qaphela. Ukubona konke lokhu ndawonye, bese-ke uPawulu enikeza lesi siphetho esikhulu, lempendulo enkulu manje. Nakhu kuza. Buka.

> *Ngokuba uma sona ngamabomu emva kwalokho . . . sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umhlatshelo we*sono,

> *Ngokuba uma sona ngamabomu emva kwalokho . . . sesamukele ukwazi kweqiniso, awusekho umhlatshelo we*sono,

106 Asikuncibilikise, umzuzu nje, lapha ekuvaleni. Ngizokushiya nani. Futhi khona lapha yilapho ngisekela khona imvuselelo yami, ngiza, khona ngqo kulomBhalo.

> . . .*uma sona ngamabomu emva kwalokho . . . semukele ukwazi kwe . . . iqiniso, akusekho umhlatshelo we*sono, (bhekani)

> *Kodwa u—ukulindela okuthile okwesabekayo* u*kwahlulelwa* no*mlilo ovuthayo, oyakuqeda* omelene nabo.

> *Odelele umthetho kaMose wafa* ngaphansi kwe . . . *wafa ngaphandle kwesihe ngaphansi* kwe . . . *ngaphansi kofakazi ababili noma abathathu:*

> *Kangakanani isijeziso esibuhlungu kakhulu,* ya . . . o*nyathele igazi* likaJesu Kristu *isivumelwano,* enangcweliswa ngayo, *into engcolile,* . . . *nidelela* imisebenzi *yomusa na?*

107 Kuyoba ukujeziswa okungakanani! Lapho ngaphansi kwewundlu elifayo, ukuthi umuntu owadelela noma owala, emthethweni kaMose, wayefanele afe ngaphandle kwesihawu, ngoba iwundlu lalifile esikhundleni sakhe. Kakhulu kangakanani umuntu, wenqatshwa, odelela iGazi likaJesu Kristu!

108 Manje, into yokuqala esifuna ukuyazi, siyini isono esingenakuthethelelwa na? Abanye babo bathi, "Ukuzibulala." Abanye babo bathi, "Ngu—ngumama olahla ingane yakhe," udaba lokukhipha isisu. Abanye bakushilo *lokhu*. Abanye uye—uye wathi, "Ngoba wake waba noMoya oNgcwele, futhi wahlubuka kuMoya oNgcwele, leso yisono esingenakuthethelelwa." Akusona. Qhabo, mnumzane.

109 Ake sikubheke, ngobuhlakani. Ake sikubheke, iZwi likaNkulunkulu. Manje, ngale eNcwadini ka—kaMathewu, isahluko se 12, UJesu wayekhiphe umoya wobumungulu nobumpumputhe, noma umoya wobuthulu nobumungulu, ngikholwa ukuthi kwakuyiwo, kumuntu. Futhi lapho Ewukhipha, izithulu nezimungulu zakhuluma. Abantu baphenduka, baMbheka; bathi, "Ngani, Ukhipha amademoni

ngoBelzabule, umbusi wamademoni." NoJesu waphenduka wase ebabuza . . .

110 Babengakholwa kanjani, izinhliziyo zabo zigcwele ububi nendlela ababeyiyo na? Ngani, Wabalahla ngaliphi na? Ngani? Ngoba, lokhu, ukuthi iZwi likaNkulunkulu ngokwaLo labalahla. Ngokuba, uJesu . . .

111 Akashongo yini uPetru, ngoSuku lwePhentekoste, leZenzo 2, cishe ivesi le 24, 23 nelama 24 na? Wathi, "Nina madoda akwa-Israyeli! UJesu waseNazaretha, indoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu; UNkulunkulu waMfakazela ngezimanga nezibonakaliso, Azenzile phambi kwenu, eningofakazi nani."

112 Lapha, into yokuqala okufanele sicabange ngayo manje, ngenkathi thina . . . NoJesu washo kulabo baFarisi, esahlukweni se 12 lapho. Wathi:

> . . . uma umuntu ekhuluma *kabi ngeNdodana yomuntu,* uya*kuthethelelwa: kepha* lowo okhuluma *okubi ngoMoya oNgcwele,* akasoze *athethelelwa,* . . . *kulelizwe, noma . . . izwe elizayo.*

113 Yini "ukukhuluma kabi ngokumelene," "ekhuluma ngokumelene noMoya oNgcwele," "ekhuluma ngokumelene"?

114 Manje, ungenza iphutha, uthi, "Ukusebenza kukaMoya oNgcwele . . . Omunye omemezayo, kungaba nguMoya oNgcwele." Lokho bekungenzeka, futhi bekungeke kube njalo. Wena uthi, "Ekhuluma ngezilimi, yena ekhuluma ngezilimi, ngabe uMoya oNgcwele ukhuluma ngakho na?" Lokho bekungaba njalo, futhi bekungebe njalo. Kunjalo impela. Isizathu, ngiphile ukubona isikhathi engazi ngaso ukuthi yonke into ekhuluma ngezilimi ayinawo uMoya oNgcwele phezu kwabo.

115 Ngibabonile odeveli bekhuluma ngolimi. Ngibone izinyanga bathakathi zikhuluma ngezilimi. Ngibabonile bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi bekhuluma ngezilimi. Ngiwabonile amapensela ebekwe phezu kwetafula, futhi ebhala ngezilimi ezingaziwa, nezinyanga bathakathi zikufunda. Lokho akusho ukuthi bangumKristu.

116 Ngibabonile bememeza, futhi begxuma phansi-na-phezulu, futhi bedumisa iNkosi; futhi baphume futhi bebe, futhi baqambe amanga, futhi bakhohlise, nakho konke okunye. Ngiyazi ukuthi lokho akuveli kuNkulunkulu.

117 Kodwa ngiyakutshela, mfowethu, lapho okunobuNkulunkulu khona, uthando lukaNkulunkulu oluphelele luhlezi enhliziyweni, lubekwe uphawu, okunguye izolo, namuhla, kuqhubeka, ungaqala ukukucabanga lokho. UJesu wathi, "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye."

118 "Lapho okukhona izilimi, kuyonqamuka. Lapho kukhona ulwazi, luyoshabalala. Lapho okukhona ukholo, luyohluleka," nazo zonke lezi zinto lapha. "Kepha nxa sekufike okupheleleyo okuluthando, akusoze kwadlula," kunjalo, uthando lukaKristu.

119 Angikwazi ukwahlulela nganoma yini oyenzayo. UMahluleli kuphela okhona nguNkulunkulu uMninimandla onke. Kodwa uJesu wathi, "Niyakubazi ngezithelo zabo."

120 Manje, sazi into eyodwa. Manje bhekani lapha. Nakhu ukuphetha kwawo wonke amavesi eBhayibheli. Sizovele sikuthathe emizuzwini embalwa sikubonise ukuthi, yonke indawo okwakhulunywa ngakho, ngesono esingenakuthethelelwa, esingenakuthethelelwa. Bese-ke uPawulu eza ngapha, ukukuqedela, wathi, "Uma sona ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo wesono." Khona-ke lokho kufanele kube isono esingenakuthethelelwa, ukuthi, "ukona ngamabomu." Ngabe kunjalo? "Owona ngamabomu."

121 Manje, siyini isono na? Into elandelayo okufanele uyithole, ukuthi siyini isono. *Isono* nguku "ngalaleli." *Isono* u "kwenqaba." Manje bhekani lapha. Isono sokuqala . . .

122 Benginendawo lapha ebengifuna ukunikhombisa khona, indawo yokuqala yaleScofield lapha, lokho akuloba embhalweni wasemphethweni lapha. Ngikholwa ukuthi kutholakala kwabaseRoma, isahluko 3. Washo lapha, njengoba ekuhumushile ngoWebster, kusobala, emibhalweni yasemphethweni. Wathi, "Isono siwukunqaba intando kaNkulunkulu eyembuliwe."

123 Isono, esimweni saso sasekuqaleni, ngukwenqaba iZwi likaNkulunkulu elembuliwe, lokho uNkulunkulu . . . noma intando kaNkulunkulu. Lapho uNkulunkulu embule okuthile njengentando yaKhe; nokunqaba Lokho, kungukuhlambalaza, noma, ukwenqaba uNkulunkulu.

124 Sasiyini isono sokuqala na? Ake sikubheke. Buyela emuva lapha kuGenesisi 3. Ungakufunda lapho ufika ekhaya, futhi uma ufuna. UGenesisi 3, ngenkathi uNkulunkulu ebeka insimu yase-Edene, wabeka u-Adamu no-Eva phakathi lapho, Wabatshela izinto ukuthi bona . . . Lelo kwakuyiZwi laKhe; Ukuthi babekwazi ukuzenza, nezinto ababengenakuzenza. Manje qaphelani ngenkathi uSathane efika ku-Eva, wathi, "UNkulunkulu ushilo ukuthi, 'Ningadli kuwo,' kodwa ngokuqinisekile aniyikufa." Niyakubona na? Khona-ke u-Eva ngamabomu . . . Uyakuthola na? U-Eva wenza ngamabomu into ethize ayeyazi ukuthi uNkulunkulu wathi angayenzi. Ngabe kunjalo na? Manje kubhekeni. Lapho u-Eva ngamabomu . . . Isono sokuqala sake senziwa. Ngabe kunjalo na? U-Eva, ngamabomu, azi intando kaNkulunkulu futhi wenqaba ukuyenza. Ngabe kunjalo na? Leso yisono sokuqala.

125 Pho siyini isono na? KuJohane oNgcwele, isahluko 3, ivesi 18, uJesu Kristu wathi, qobo lwaKhe, yilokhu, ukuthi, "Ongakholwayo uselahliwe kakade." Ngabe kunjalo na? Khona-ke isono empeleni siwukungakholwa.

126 USathane, nasekuyengeni kwakhe, watshela u-Eva ukuthi, "UNkulunkulu wakusho lokho, kodwa Wayengaqondile." Niyabona ukuthi walicaka kanjani iZwi na? Awu, wathi, "Manje, uNkulunkulu waKusho, kodwa WayengaKuqondile." Ngamanye amazwi, "Uzoba . . . Amehlo ethu azovuleka. Niyokwazi, nazi ulwazi oluningi olwengeziwe."

127 Futhi manje wona lawo manga abolile afanayo akhulunywa nguSathane, kubashumayeli namalungu ebandla namhlanje, ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu lisho *ukuthi-no-kuthi*, kodwa Alikuhlosile Lokho." IZwi likaNkulunkulu lisho khona impela nje Elakusho. Kunjalo.

128 Bengikhuluma lapha, esikhathini esingeside esedlule, ebandleni lami uqobo nabantu bakithi uqobo, ngenkathi abanye bekubeka . . . wayephuma ngaphandle kwedolobha. Ezinkonzweni zokuphulukisa, angikaze ngethule noma yiluphi uhlobo lwe—lwezimfundiso, ngoba bekuyiqembu elixubile. Kodwa ebandleni lami uqobo ngishumayela lokho engikholwa ukuthi kuliQiniso. Futhi konke engikushumayelayo kuyiQiniso, kodwa angingeni emininingwaneni ngaLo. Ngenkathi omunye engibonile ngibhaphathiza lapha, eGameni leNkosi uJesu Kristu, bathi, "Mfowethu Branham, bengicabanga ukuthi ubungo—okaziqu-zintathu, ngaso sonke isikhathi."

129 Ngathi, "Une*micabango* eminingi ezayo." Ngathi, "IBhayibheli lasho . . . Futhi akukho neyodwa indawo lapho noma ubani ake abhaphathizwa nganoma iyiphi enye indlela ngaphandle kweGama likaJesu Kristu."

"Awu," wathi, "kodwa uyazi . . . " Ngathi i . . .

Ngathi, "Leyonto ibekwe phambi kwakho ngqo."

130 Umfowethu weSeventh-Day Adventist, okungukuthi, umfowabo uhlezi ukhona manje, wenyukela lapha endlini yami ngesinye isikhathi, ukuzophonsela inselelo ngento efanayo. Umfowethu washo kuye, wathi, "Manje, buka, mfowethu, ulalela into engalungile."

Futhi wathi, "Ubani uBill Branham ukuthi angitshele na?"

"Awu," wathi, "khuphuka ulalele iZwi likaNkulunkulu."

131 Ngakho-ke umfana uyenyuka, futhi sendlala iBhayibheli. Ngathi, "Manje buka, mfowethu, uzoyibeka phansi incwadi yakho yokufunda, futhi sizothatha iBhayibheli na?"

"Yebo, iBhayibheli."

132 Ngathi, "Manje-ke uma iZwi likaNkulunkulu lithi unephutha, uzongivumela ngikubhaphathize eGameni lika

'Jesu Kristu'? Futhi uma ungifakazela ukuthi 'uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele' kuyindlela yokubhaphathizwa, eBhayibhelini, Ngizokuvumela ukuba ungibhaphathize." Wavumelana nakho.

133 Nendikimba yakhe yokuqala kwakuyiyona ndawo kuphela ake wayithola, futhi walahlwa khona lapho, waseke enqaba ukuthi angivumele ngimbhaphathize. Manje lokho kusho ukuthini na? Yena. . . "Uma sona, noma singakholwa, ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo wesono." Naso-ke isono sakho esingenakuthethelelwa.

134 Uma wazi ukuthi liyini iQiniso leVangeli, futhi lendlalelwe wena, futhi uNkulunkulu ukwambulele Lona, futhi uyazi ukuthi LiyiQiniso; kodwa nje ukwanelisa ibandla elithile noma umshumayeli othile omncane, noma ukuthandwa ngabantu, ukuthi ufuna ukubambelela ezintweni ofuna ukubambelela kuzo, esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu; UPawulu wathi, "Lowo owonayo, noma ongakholwa, ngamabomu emva kokuba esemukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo wesono." Naso isono sakho esingenakuthethelelwa, ngukwazi ukuthi yini iQiniso futhi wenqabe ukuhamba kuLo. Amen. Manje, niyakholwa ukuthi lokho kunjalo na? Yilokho iBhayibheli elakusho. "Lowo owonayo!" *Isono* uku "ngakholwa."

135 Awu, wena uthi, "Ingabe ukubhema kuyisono, ukuphuza kuyisono na?" Qhabo, qhabo. Lezo yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Wenza lokho ngoba awukholwa.

136 Uma umuntu ethi uyakholwa, ufanele abe umKristu futhi ahambe ngendlela athi uyiyo. Niyabo, ingxenye engahlukaniseki! I-apula alisona isihlahla; liyingxenye engahlukaniseki yesihlahla. Futhi ngenxa yokuthi uqamba amanga, uyantshontsha, uyakhohlisa, futhi uyabhema, futhi—futhi wenze konke, futhi uzibize ngokuthi ungumKristu, kungenxa yokuthi awuzelwe ngokusha. Kunjalo. Lokho kukhombisa ukuthi lolo wuhlobo lwempilo oyiphilayo. UJesu wathi, "Niyakubazi ngezithelo zabo." Niyabo?

137 Futhi uma wenza lezozinto, iBhayibheli lathi, "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe," ungowenkolo kuphela futhi awukaze ube nensindiso. *Inkolo* iyisimbozo, kepha insindiso iyinkululeko. Haleluya! Insindiso iyambula, kunjalo, futhi ikhombisa lokho oyikho. Yiqiniso lelo. Manje, ngenxa yokuthi senza izinto ngokungalungile, yingenxa yokuthi asikholwa.

138 Kepha uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, UNkulunkulu ungaphansi kwesibopho, uma ubufakazi bakho buqinisile,

ukuninika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukukubeka uphawu eMbusweni kuze kube luSuku lokuHlengwa kwakho. Kunjalo.

139 Futhi uma uthi, "Awu, nginoMoya oNgcwele! Udumo kuNkulunkulu! Ngiyazi nginaWo; Ngawa ngaphansi kukaMoya." O, lokho akulona uphawu lokuthi unoMoya oNgcwele, ngisho nakancane. Bangane, ngibone zonke izinhlobo zezinto ziwela ngaphansi kwemimoya. Kunjalo. Lokho akukwenzi ube noMoya oNgcwele.

140 Kodwa uma unothando lukaJesu Kristu enhliziyweni yakho, uma uNkulunkulu enza umKristu ngawe, uma ekubeka uphawu eMbusweni waKhe! Ungahle uwele ngaphansi kukaMoya, futhi. Ungahle wenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, noma ngabe kuyini. Kodwa impilo yakho izohambisana nobufakazi bakho.

141 Impilo yakho ifakaza kakhulu, kuze kuthi, akunandaba ukuthi uthini, abantu abakukholwa uma ungakuphili. Ngeke bakukholwe. Futhi awukukholwa, wena uqobo, kanye nomphakathi awukukholwa, ngakho-ke uzenza odabukisayo. Kungani ungezi ngenhliziyo eneqiniso, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngiyawavuma amaphutha ami, futhi ngikholwa kuJesu Kristu ngayo yonke inhliziyo yami. Manje, Nkulunkulu, ngiphe uMoya oNgcwele." Yena uzokwenza. Kunjalo. Yena uzokwenza. Manje-ke, isithelo salokho, ngoba uyakholwa!

142 Manje wena uthi, "Awu, ngayeka ukubhema. Ngayeka ukuphuza. Ngi—ngiyayeka ukwenza *lokhu*, na*lokho*, no*kunye*." Mfowethu, noma yisiphi isoni singakwenza lokho. Ngokuqinisekile, singakwazi. Lokho akwenzi . . .

143 Nge—ngesikhathi sempi, ubona indoda, asithi igqoke umfaniswano waseMelika. Manje, Mfowethu Roberson, Mfowethu Funk, abaningi benu masosha lapha, ubungeke uyethembe indoda ngoba ibigqoke umfaniswano waseMelika. Leyo ingahle ibe yinhloli. Ingahle ibe ngumJalimane. Ingahle ibe yisitha. Ngenxa yokuthi ugqoke umfaniswano waseMelika, lokho akuyenzi umMelika. Qhabo, mnumzane.

144 Haleluya! Ungasonta kuwo wonke amabandla ezweni, futhi uphenye wonke amakhasi, njalo ngoNcibijane, futhi lokho akukwenzi umKristu. Mfowethu, uma usunezincwadi ezukuchazayo ezigxivizwe zeminwe, khona-ke ungowaseMelika. Unezincwadi ezukuchazayo, zokufakazela ukuthi ungumMelika.

145 Futhi uma unombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kanye naMandla kaNkulunkulu esebenza empilweni yakho, futhi akwenze uphile ngokuzithoba nangokuthula kulomhlaba wamanje, usuku nosuku, iviki neviki, unyaka nonyaka, bayazi lapho omi khona. Kunjalo. UDavide wathi, "Kuyoba njengesihlahla esitshalwe ngasemifuleni yamanzi. Konke akwenzayo kuyophumelela. Akayikubuna esomisweni, ngokuba

utshalwe ngasemifuleni yamanzi." Yebo, mnumzane. "Isithelo sakhe asiyikubuna. Amaqabunga akhe angeke abune. Uyoveza isithelo sakhe ngesikhathi saso. Yena . . . Manje, ukungamesabi uNkulunkulu akunjalo; banjengamakhoba omayo nomoya uwaphephule," kunjalo, ukusuka kwenye imvuselelo kuya kwenye, futhi ufanele uvuselelwe futhi uvuselelwe. Kodwa umuntu wake wagxila kuKristu uyazi lapho ekhona. Kunjalo.

146 "Manje uma sona," s-o-n-o, isono! Manje siyini isono na? *Isono* u "kungakholwa." Bangaki abakwaziyo lokho na? Thola isichazamazwi sakho sikaWebster, noma yikuphi lapho ofuna ukuya khona. Lapha eBhayibhelini, isono sokuqala kwaba ukungakholwa. Ngabe kunjalo na? "Ongakholwayo uselahliwe kakade." Kuwo wonke umBhalo, yonke into, kungu "kungakholwa, ukungakholwa."

147 Uma ngithi kungu—kungubusuku ngaphandle, kumnyama; kumnyama kangakanani, iyiphi ingxenye nje yalokho ewubusuku na? Kusebusuku konke. Ngabe kunjalo na? Kusebusuku ngoba kumnyama. Ngabe kunjalo na?

148 Kungakanani ukukhanya kuleli gumbi na? Ingabe *le* ngxenye ingukukhnaya na? Awu, yonke into ingukukhanya. Ukukhanya ngoba ngukukhanya.

149 Futhi uma uyikholwa, ungumKristu. Uma ungelona ikholwa, awuyena umKristu. Yilokho kuphela.

150 Ngokuba awusindiswa ngemisebenzi emihle. Awusindiswanga ngokumemeza. Awusindiswa ngokusina eMoyeni. Awusindiswanga ngokukhuluma ngezilimi. Awusindiswanga ngokugcina amasabatha. Awusindiswanga ngokudla inyama. Awusindiswanga ngokujoyina ibandla. Awusindiswanga ngombhaphathizo wamanzi. "Usindiswe ngokukholwa. Usindiswe ngomusa." Kunjalo.

151 Futhi uma usindisiwe ngempela, lezi ezinye izinto ziza ngokuzenzakalelayo. Wena ukhuluma ngezilimi. Ubungamemeza. Ungamdumisa uNkulunkulu. "Umoya wabaprofethi uthobela umprofethi." Uma umelusi ebona ukuthile okungalungile, uthi, "Buka, dadewethu, noma mfowethu, lokho akulungile." Uyazithoba. Kunjalo. Uyazithoba. "Umoya wabaprofethi uthobela umprofethi." Azithobe nje bese ethi, "Nkulunkulu, ngithethelele. Bengingaqondile ukuphuma endleleni. Sengikulungele ukuba . . . " O, o, uma ibandla belingaqhubeka, khona-ke nizobona ibandla linyakaza ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. "Umoya wabaprofethi uthobela umprofethi." Yonke into ihlelekile, ibandla lihlelekile.

152 Kepha uma ungathola ikhanda labo libheke phezulu, uthi, "Angikholwa! Ngiyakutshela nje, angikholwa!" Lokho kukhombisa khona lapho ukuthi kukhona okungalungile ngawe. Lokho akulungile. Kukhona okungalungile. Awukwazi ukumela ukuqondiswa. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini.

153 UmBhalo uthi, "Maka labo," futhi. Kunjalo, uma ungakwazi ukumela ukuqondiswa. Awukwazi ukuma ngokuhlelekile. Awukwazi ukuma ezintweni zikaNkulunkulu, bese uyahoxa. UPawulu wathi, "Baphuma kithi ngoba babengesibo abakithi." Kunjalo. Futhi wathi, "Zonke lezi zimfundiso, kanye . . ." Futhi wathi, "Uma ngiza phakathi kwenu, kukhona *lokhu*, futhi kukhona *lokho*, futhi kukhona okunye." Wathi, "Awu, ngizwa kuthiwa kukhona ngisho ukuxabana, nendoda eyodwa ihlala nonina wayo, efuthi olandelayo uyadakwa etafuleni leNkosi." Wathi, "Ngizizwa zonke lezi zinto. Bezingafanele zibe njalo." Futhi kwathi sebephumile, wathi, "Awu, baphuma ngoba babengebona abakithi." Kunjalo. Wathi, "Nidla ematafuleni kadeveli, bese-ke nidla etafuleni leNkosi, bese-ke nizama ukuzibiza ngamaKristu."

154 Wabasika. Wabaqoba. Wayebathanda, kodwa wabatshela iQiniso. Futhi lapho leso sizukulwane sivuka, noPawulu emi phambi kwaso, uPawulu wayengathi, "Ngikhululiwe kulo lonke igazi lomuntu. Angizange ngikugweme ukunitshela lonke iQiniso likaNkulunkulu."

155 Ngeke kudingeke ngiphendule ngosuku lukaPawulu. Kodwa lapho lesisizukulwane sikhuphuka, ngizofanele ngime njengofakazi. Manje-ke, uma ngazi into ethize iyiQiniso, futhi ngenqaba ukuLikhuluma, futhi ngixegise ngenxa yokuthandwa ngabantu, Ngizolahlwa ngaphandle njengomzenzisi. Kodwa ngingahle ngikhishelwe ngaphandle njenge—njengomkhohlisi, ngingahle ngikhishelwe ngaphandle njengo "shiseka ngokweqile," futhi wabiza konke okusezweni lapha; kodwa ngaloloSuku, uNkulunkulu uthi, "Uligcinile iZwi laMi, Ngizokugcina ngoSuku Losizi." Kunjalo. Yilokho okumele kwenziwe.

156 Uma iBhayibheli lingawufundisanga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi wanqamuka le emuva ngaleya, bengizofundisa into efanayo. IBhayibheli liyafundisa, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

157 Uma Lithi izimangaliso zaphela nabaphostoli, bengizokukholwa. Kodwa uNkulunkulu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ngiyakukholwa.

158 Uma bethi abantu babengakhuluma kuphela ngezilimi emuva onyakeni wabaphostoli, neBhayibheli lathi lowo kwakuwukuphela konyaka ababeyokhuluma kuwo, ngiyoLikholwa. Kodwa Wathi, "Lezizibonakaliso, nokukhuluma ngezilimi, kwakukukho, kwathi ngqu kwaphuma ekupheleni kwezwe."

159 Uma umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu wawuzophela kanye nabaphostoli; futhi ngesimo sebandla lamaKatolika, "uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele;" uma

bekufanele siyeke emuva lapho, futhi siqale ngalokhu, bengizokwenza into efanayo. Kodwa kuyafundiswa, kuyafana, "LeliVangeli kufanele lishunyayelwe emhlabeni wonke kube ubufakazi, futhi khona-ke ukuphela kuyofika." Ukube ukufafaza kwakuseBhayibhelini, bengiyobe ngifafaza. Kunjalo. Noma yini!

160 Ukuba ukugeza izinyawo kwakungekho eBhayibhelini, bengingeke ngikushumayele. Kodwa iBhayibheli lathi, "Niyajabula uma nazi lezi zinto futhi nizenze." Futhi ngilikhulumile iQiniso.

161 Uma iSidlo seNkosi sakusihlwa sasingokomoya, futhi kwakungafanele sithathwe ngokwemvelo, bengiyosho njalo. Kodwa uJesu wathi, "Ubusisiwe. . ." Wathi, "Yenzani lokhu, futhi nithathe lezizicucu zaKhe, umzimba waKhe, aze Abuye futhi." Ngiye ngama nakho.

162 Uma Ethe, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, Wanqamuka emuva lapho, bengiyokukholwa. Kodwa uJesu wathi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda, kuze kube sekupheleni kwezwe." NgiyaLikholwa! Kulungile. Ngiyakholelwa ezibonakalisweni ezilandela amakholwa.

163 Ngiyasukuma futhi ngibona inqwaba yobuhlanya buvuka futhi benze kanjalo, futhi bugcone futhi kwenze inhlekiso kanjalo; bengenzi inhlekiso, kodwa bayaphuma futhi balethe ihlazo, empeleni ihlazo. Yima ebandleni futhi ukhulume ngezilimi, futhi uphume, futhi uklabalase futhi uphikise; futhi uhambe, ngemvuselelo elandelayo, futhi ubuyele phakathi. Akuyena uNkulunkulu lowo. Kunjalo. Qhabo, mnumzane. Waziwa ngezithelo zakho.

164 Angikhathali, khona-ke, ungethula iQiniso kubo, futhi uthi, "*Na*Nti, ISHO KANJE INKOSI."

165 Futhi indoda ibuka kuLokho; iyaLesaba. Futhi iyasuka ihambe bese ithi, "O, angiLikholwa, empeleni." Mfowethu, wonile kuMoya oNgcwele. Wenze into ongasoze wathethelelwa ngayo, uze ufike ulungise leyonto.

166 Uma ngivela kude njengasemfuleni i-Ohio, futhi kukhona ibhuloho, futhi bangitshela ukuthi kukhona ibhuloho okufanele ngiwele kulo. ngithi, "Awu, ngizothatha imoto yami ngenye indlela." Kukhona ibhuloho. Labekwa lapho. Kukhona imali ekhokhwa emgwaqeni okumele uyikhokhe. Ngifanele ngiwele ibhuloho, uma ngilindele ukufika eKentucky ngisuka eJeffersonville. Ngifanele ngiwele ibhuloho. Ngabe kunjalo na? O, ngithi, "Angeke ngikwenze. Ngizovele ngiyozithengela isikebhe, bese ngiwela ngesikebhe, noma ngizoqasha umuntu othile." Lalela, inkululeko kulelo bhuloho. Uma wehlela kolunye ugu, iziphathimandla zizohlangana nawe khona lapho futhi zikubophe ngokwenza lokho. Kunjalo impela.

167 Akumangalisi uJesu athi, "Kwangena indoda ingagqokile ingubo yomshado." Wathi, "Mngane, ufunani lapha na? Ungeniswe ubani lapha na?" Nendoda yama ingenalusizo. Kungani ingazange na? Ku-o- . . . emzekelisweni lapho.

168 Umkhwenyana, emazweni aseMpumalanga namuhla, umkhwenyana ubeka isidlo somshado sakusihlwa. Futhi lapho esekwenzile, kukuye ukuthi ahlinzekele ngengubo.

169 UJesu Kristu wabeka iSidlo sakusihlwa soMshado ekupheleni kokuphila, futhi kukuYe ukuthi ahlinzekele ngokulungiswa kwezingubo.

170 Futhi emnyango, umlindisango, njengoba kwakunjalo, noma omunye wabangane bakhe abaseduze, wema lapho. Futhi wonke umuntu oqhamuka nethikithi, wathola uhlobo olufanayo lwengubo. Bayamgqokisa. Uma ubegqoke amanikiniki noma uma ubegqoke indwangu ebanzi, ngokufanayo nje, wayegqoka ingubo, ngoba wayebukeka ncamashi nje njengabo bonke. Kunjalo impela.

171 Futhi, mfowethu, uma sifika eSidlweni sakusihlwa soMshado, sifanele sigqoke ingubo efanayo uPawulu oNgcwele ayenayo emuva ngaleya. Sifanele sibe nombhaphathizo ofanayo kaMoya oNgcwele. Sifanele sibe neVangeli elifanayo livutha enhliziyweni yethu, uthando olufanayo, kungenjalo sizoxoshwa. Ithi, "Awu, mfowethu, ngangiyiPentecostal. Ngi . . ." Qhabo, mnumzane. Lokho ngeke kukuthunzele nakancane. "NgangiyiMethodisti. NgangiyiPresbyterian. Ngisonta eTabernakele likaBranham." Lokho ngeke kuhlanganise lutho nakho. Kunjalo.

172 Uyalibona iQiniso leVangeli! UPawulu wabhaphathiza kanjani na? Ibandla lokuqala labhaphathiza kanjani na? EGameni likaJesu Kristu. Benza ini lapho na? Bafundisa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Bafundisa aMandla kaNkulunkulu. Bafundisa ukuBuya kwangempela. Bafundisa ukuthathwa kwemvelo kwezinto zokugeza izinyawo kanye ne—nesinkwa sesidlo, nezinto ezinjalo; bahlephula isinkwa, endlini ngendlu, ngobumhlophe benhliziyo. Ngabe kunjalo na? Yebo, mnumzane.

173 Babekholelwa ekukhuzeni isono lapho sasikhona, futhi bamise izinto eceleni. U-Ananiya noSafira, kwakungelula, kodwa uPetru wabatshela, washo okwenzeka kubo.

174 Ngenkathi uSimoni omdala isanusi ekholiwe, futhi uyangena futhi wayefuna ukuthenga uMoya oNgcwele, noma abe umfo omkhulu ebandleni, uthi, "Ngizofaka inqwaba engcebweni; wena vele ungivumele ngidlule noma kanjani."

175 UPetru wathi, "Imali yakho izobhubha kanye nawe." Futhi abazange bathinte umyalo wakhe. UNkulunkulu abusise lawomadoda ayenokuqiniseka kwangempela kukaMoya

oNgcwele, ukuthi babonile futhi bakhuluma iQiniso. Nakho-ke. "Simon, unephutha." USimoni wayazi ukuthi wayenephutha.

176 Manje uma wenqaba ukuhamba kuLokho, uhlambalaza uMoya oNgcwele. "Ngokuba lowo owona ngamabomu eselwemukelile ulwazi lweQiniso, akusekho umnikelo wesono."

177 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] " . . . ungebi. Ungaqambi amanga." Sedlule kulokho, kulokhu ukusa, sakhombisa ukuthi isono sasingaziwa ngisho umthetho waze wasikhulisa.

178 Njengoba umthetho ubungeke waziwe lapha edolobheni, bekungelona iphutha ukudlula ilambu elibomvu, ngaphandle uma kwakuyi . . . kunomthetho omelene nakho. Bekungeke kube nomthetho—bekungeke kube nomthetho, kungalungile ukugijima emigwaqeni, amamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, ngaphandle uma kunomthetho wejubane.

179 Futhi asizange sisazi isono ngaphandle uma kuyoba nomthetho. Kwathi-ke lapho umthetho ufika wase wenza isono sikhuliswe, noma sibonakaliswe, khona-ke kufika umusa kaJesu futhi ususe isifiso sesono enhliziyweni yakho. Niyabo, lokho kwasusa isono.

180 Into ephakeme kunazo zonke eZulwini, uNkulunkulu uqobo lwaKhe, uba yinto ephansi kunazo zonke emhlabeni, ngisho nokumela inyoka. Benikwazi lokho na? Wayeyinyoka yethusi ehlane. Ngabe kunjalo na? Kusukela odabeni oluphakeme kakhulu lwaPhakade kuze kufike esidalweni esiphansi kunazo zonke emhlabeni; futhi kusukela eNtweni engcwele kunazo zonke okwakukhona, kwaze kwaba kokungengcwele kunakho konke okwakukhona, ngokuba Wathatha isono sawo wonke umuntu, zonke izilwane, konke okufayo, phezu kwaKhe uqobo, futhi wafa njengesoni, nezono zakho ziphezu kwaKhe.

181 Umuntu wesibili wayengeke afike, umuntu wesibili wobuNkulunkulu wayengeke afike, umuntu wesithathu wobuNkulunkulu wayengeke afike, umuntu wesine. IziNgelosi bezingeke zifike. UNkulunkulu uqobo lwaKhe wehla, ophakeme kunabo bonke, ukuba enziwe ophansi kunabo bonke, ukuze asuse isono.

182 Manje-ke, besilisa nabesifazane, bhekisisani Akusho, futhi niMkholwe. Manje, iBhayibheli, "Lapho bona ngamabomu."

183 Indoda e . . . lapho ifika futhi ibeka isandla sayo phezu kwewundlu elifayo, yathi: "Ngiphingile, mpristi omkhulu. Futhi nginikela ngaleliwundlu elingenasici," uhlobo lukaKristu. Ibeke isandla sayo phezu kwekhanda layo elincane. Banquma umphimbo, lavevezela futhi lakhala lase lifa, futhi lanyakaza. Futhi yayazi ukuthi khona lapho kwakulele izono zayo. Yayifanele ife kanjalo, qobo lwayo. Yayifanele ife uma lesi sibambiso esingenacala singayifelanga.

184 Kwase kuthi-ke igama layo, uMnu. John Doe, labhalwa phansi. Lagcinwa lapha. Omunye wamaLevi waligcina, kulungile, umbhali. Wagcinwa lapha, khona-ke, "Wayephingile; wayenikele ngaleliwundlu ngakho."

185 Khona-ke waqonda ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalidinga, "kanye ngonyaka," yilokho kuphela. Awu, waphumela emuva ngqo enesifiso esifanayo. Waphinda wambona owesifazane, waphinde waphinga futhi; wacosha izinduku ngesabatha; noma ngabe isono sakhe sasiyini. Uyabuya futhi, nelinye iwundlu, ngaphambi kokuhlanzwa kwendlu engcwele.

Futhi lapho ebuya futhi, "Ubani igama lakho na?"

"John Doe." Wabuka phansi kuJohn Doe.

"Liyini icala lakho na?"

"Ukuphinga."

186 "Ya, simtholile, simbambe oqotsheni." "Ngani, usuvele ukwenzile. Usube nokuhlawula okukodwa. IZwi likaNkulunkulu lidinga wena ukuba ukhandwe ngamatshe." Base bemdonsa esuka endaweni ngaphandle ngaleya, base bemkhanda ngamatshe ngaphandle kwesihawu. Angikhathali noma uyimeya yedolobha, noma wayengubani. Noma ngabe kwakungubani, wafa engenasihawu, kunjalo, ngoba wayenqabe iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wayedinga iwundlu elilodwa, futhi walenqaba.

187 Futhi manje uPawulu wathi, "Lokho kwakungaphansi komthetho kaMose. Lowo odelele umthetho kaMose, wafa engenasihawu, ngaphansi kofakazi ababili noma abathathu abambamba oqotsheni. Kakhulu kangakanani lapho indoda ibeka ikhanda layo phezu kweWundlu likaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu na?"

188 Nenhliziyo yaKhe edabukile! Wayelimele. Nezinyembezi zaKhe zigeleza ezihlathini zaKhe; ameva emqheleni waKhe, negazi ligeleza ebusweni baKhe, lixutshwe nezinyembezi ezinosawoti, kungene emzimbeni waKhe oshayiwe. Futhi indoda iyofika bese ithi, "Yebo, ngiqinisekile ukuthi leyo yiNdodana kaNkulunkulu," bese-ke iyophenduka futhi ingawukholwa umusa waKhe nesihawu saKhe neZwi laKhe.

189 UPawulu wathi, "Lowo owenza lokho ngamabomu, awusekho umhlatshelo wesono osele, kodwa ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa nomlilo ovuthayo ozakuqeda iphikankani." Mfowethu, lapho iQiniso lethulwa kuwe!

190 Ngibeka lokhu njengesisekelo esiyisisekelo semvuselelo ezayo. Lethani iBhayibheli lenu njalo ebusuku. Lethani ipensela lenu, letha incwadi yenu, ukumaka. Futhi noma nini lapho ubona noma yini ongayiqondi, "wozani, asikubonisane ndawonye."

191 Ngifuna ukwazi iQiniso, nami. Ngivuleleke ngeQiniso njengoba nje nawe unjalo. Futhi ngifuna ukwazi ukuthi yini elungile nokuthi yini engalungile, ngokuba angifuni ukungahlonipho neyodwa into Athi ayenziwe. Niyabo? Ngifuna konke nokunci kwaKho enhliziyweni yami uqobo, kodwa kufanele kuze ngeZwi. "Ngokuba uma singakholwa ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo wesono."

192 Ake ngiqathaze lokhu, sengivala, emzuzwini nje. Bhekani. Manje, ngenkathi, uJesu ebatshela ukuthi babehlambalaze uMoya oNgcwele, okwakungenjalo . . . isono esingenakuthethelelwa—kuthethelelwa.

193 Bukani, u-Isaya umprofethi, bonke, uJeremiya, bonke abaprofethi, bathi, "Lapho uMesiya efika, lona kuzoba nguYe." uNkulunkulu . . . UJesu Kristu wayeyiZwi likaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? UkuMenqaba kungukwenqaba iZwi. Ngabe kunjalo na?

194 "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Futhi *Nanti* iZwi likaNkulunkulu elilotshiwe libonakaliswa lapha, njengeZwi likaNkulunkulu emhlabeni. Wonke amaZwi aKhe Awakhuluma kwakuyiBhayibheli. Zonke izigaba Ayezicabanga kwakuyizwi elibhaliwe. WayeyiZwi likaNkulunkulu. Futhi lapho . . . IZwi elilotshiweyo lalimemezele ukuthi WayeyiZwi. Futhi ngenkathi Efika ebonakaliswa lapha emhlabeni, nalabobantu babuka iZwi futhi baLenqaba, niyakuthola engikushoyo na? Ngoba balahlekelwa ukuhlonishwa kwabo, ngoba bafanele badele ibandla labo.

195 Noma ubani wathi, "Uma ukholwa lolo hlobo lokweduka, sizovele sikukhiphe ebandleni." Awu, abaMkholwanga. BaMkholwa, enhliziyweni yabo, kodwa babengaMfuni. Babengenakukwazi ukwenza isivumo saKho esidlangalaleni, ngoba, uma bekwenzile, baxoshwa ebandleni labo. Ngakho-ke, "Babethanda izindumiso zabantu ngaphezu kwezindumiso zikaNkulunkulu." Bathi, "Awu, ibandla lethu aliKufundisi ngaleyondlela nje, ngakho-ke sizovele nje . . . "

196 Bukani labodeveli abafanayo abaphila namhlanje. Impela. Baphila namuhla. "Awu, umama wami wayengumKatolika. Futhi umama wami wayeyiPresbyterian. Futhi ngiyakutshela, yena, wayemlungele umama . . . "

197 Umama wahamba kulokho kukhanya ayenakho, kodwa usuku selufikile lapho ukuKhanya kweVangeli kukhanya khona. Isayense yezenkolo ye bandl- . . . Amabandla obuKristu ayafa. Lehlulekile. UNkulunkulu uyakuthatha manje, ukuba azembule Yena uqobo futhi, ngeBandla laKhe, uMzimba ovukile weNkosi uJesu Kristu. Uvuswe ngaphandle kobusonto; uvuswe emasontweni abandayo agcina umthetho ngegama; uvuswe

ebuhlanyeni. UNkulunkulu ukhipha isixheke samathambo futhi ebeka isikhumba kuso, eMandleni kaMoya oNgcwele ozoletha iVangeli kulolu izinsuku zokugcina, ngezibonakaliso nezimanga, kuze kube sekupheleni kwezwe. Bazofundisa iBhayibheli. Bazoma ngakuLo. Bayophila ngaLo. Ngeke baxegise, kwesokudla noma kwesobunxele. Kunjalo. Bayoma eZwini ngqo, futhi baqhubeke. Futhi uNkulunkulu uyoba nabo, nsuku zonke, eqinisekisa iZwi, ngezibonakaliso nezimangaliso ezilandelayo. Haleluya! Nonke nina zinkanyezi zokusa, vukani nikhanye! Haleluya!

198 Owaphezulu lapho embhoshongweni wokuqapha. Futhi wathi, "O, mlindi, sikhathi sini sobusuku na?" Wathi, "Ubusuku buyeza. Nokusa kuyeza, futhi." Qaphela, njalo ebusuku ngaphambi kokusa. Kunjalo. Zazigcina isikhathi ngezinkanyezi. Futhi cishe ngesikhathi kufika, endaweni ngaphambi kokuntwela kokusa; ukukhanya kufika, kucindezela ubumnyama kuze kube, isikhathi esimnyama kakhulu esikhona, kufika ukukhanya. Ubumnyama ngaphambi nje kokusa.

199 Uma ungumuntu ojwayele izintaba. Ya. Angikhathali ukuthi umoya uza ngayiphi indlela, ukuthi uza kanjani, uvunguza kanzima kangakanani. Vumela lowo msebe wokuqala wokukhanya ugqobhoze isibhakabhaka ngaleya, nomoya uzokwehla ngqo emgudwini, uze wehlele ngqo esigodini. Angikhathali ukuthi hlobo luni lomoya oluvunguzayo, uzoma khona ngqo ekuseni, futhi wehle ngomgudu. O, haleluya!

200 UMfowethu Funk wayelele lapho ngobunye ubusuku, uMfowethu Roberson nami, kanye nabo. Ngaphumela phandle lapho, ngase ngigqoka izicathulo zami. Ngavele ngaqala ngakhala, ngagijima ngabuyela etendeni futhi. Ngathola isambulo, ngimi lapho. Ngabuyela etendeni, noMfowethu Wood wayelele laphaya, elele kanzima ngangokunokwenzeka. Futhi ngangihlezi laphaya, ohlangothini lwendawo, ngikhala nje ngamandla enganingakwazi, ngiqhaqhazela, ngokuba ngangibone okuthile. Ngathi, "Yebo, Nkosi, ubusuku buyeza. Futhi usuku luyeza, futhi."

201 Sidlula esikhathini esikhulu sokucindezela, lapho amasayenze ezenkolo nayo yonke into yamabandla, lokho okwathi, "Woza, ujoyine elethu. Woza, ujoyine elethu. Woza, ujoyine elethu." Kodwa lapho nje eqala ukusa, lowo Moya onamandla ovunguzayo wehla ngomgudu futhi, ezansi ngqo eBandleni kanjalo, ngokusa nje. O, kufanele kube ngukusa, haleluya, ngaMandla kaMoya oNgcwele afanayo abiza iVangeli elifanayo elalikhona ekuqaleni. Kubiziwe futhi namuhla. Haleluya! O, he! Ngiyajabula ukuthi simasha sibheke eSiyoni, iBandla likaNkulunkulu ophilayo. Haleluya! Ngiyakholwa.

202 Ucabanga ukuthi nginomsindo na? Nginento engizoba nomsindo ngayo, ake ngikutshele, mfowethu, lapho iGazi

likaJesu Kristu lihlanza kuso sonke isono. Sengibone iminyaka engamashumi amabili nantathu manje, yokuhola kukaMoya oNgcwele, ukuzinikela kuYe, futhi nginganaki lutho okungelutho okushoyo. Kufake into ethize enhliziyweni yami, ebambelele lapho, engingazange ngiyifake, qobo lwami. UMoya oNgcwele wakubeka lapho. UNkulunkulu ungitholele iQiniso. Ngizohamba ekuKhanyeni njengoba EsekuKhanyeni. Ngizoba nenhlanganyelo, omunye nomunye, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu lihlanza kukho konke ukungalungi.

203 "Ngokuba owona ngamabomu, anqabe ngamabomu, esebone ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo wesono."

204 Lalelani lapha, madoda nabesifazane, manje; bangane bami, nabangane abangamaKristu. Uma into kuphela owaziyo ngayo, kungukuza esontweni kalula nje, kuyeke lokho khona manje. Yeka ukucabanga ukuthi ukahle. Uma unengqondo yokucabanga, "Awu, ngikholwa ukuthi ngisindisiwe," futhi uyabona ukuthi uhlala uthatha ukuqophisana, noma uhlale ubambe ngqi ngokuthile, kukhona okungalungile ngawe; uma ubona ukuthi awukwazi nje ukususa ubutha enhliziyweni yakho, uma ubona ukuthi kukhona into efana naleyo.

205 "Ungakhohliswa; UNkulunkulu akabhinqwa." Kunjalo. "Noma yini umuntu ayihlwanyelayo uyakuvuna yona." Kunjalo. Into okumele uyenze . . .

206 Wena yithi, "Awu, ngikholwa ukuthi nginoMoya oNgcwele," futhi uyabona ukuthi akutheli isithelo sobumnene, futhi wanikela, no—nomusa, nobumnene, nokuthethelela, nokunye nokunye, khon-ke sekuyisikhathi sokuthi uzithintithe.

207 "Ngokuba uma wona ngamabomu, emva kokuba sewamukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo wesono," uze uze ulungise leyonto. Kunjalo. Uma wazi ukuthi wenza okungalungile; hamba uqonde ngqo ngokuzithoba njengoba ungakwazi, ukuhlolisise.

208 "Awu," wena uthi, "Ngizokubheka, ngezinye zalezi zinsuku." "Ezinye zalezi zinsuku" zingahle zibe zinde kakhulu. Ungase ungaphili "ezinye zalezi zinsuku." Into okumele uyenze ukukuhlolisisa khona manje. Kunjalo. Kubheke futhi ubone ukuthi kulungile yini. Futhi uma kuliQiniso, hamba kuLo, futhi uNkulunkulu uzokubusisa.

209 Ake ngikutshele into eyodwa ngaphambili . . . emzuzwini nje manje, ngaphambi kokuba sivale. Ngiyaxolisa ukukugcina kanje, kodwa ake nginitshele ezinye zezinto engizaziyo. Uma kukhona noma yini engifaka isandla ekubeni nesibindi sokuhamba ngikhuphuke ngaphambi kwezinto, lapho ngazi ukuthi izinto ezithize-thize eziza ukuzophonselwa inselelo ngaleso sikhathi, ngaphambi kwamademoni namandla. Kukhona into eyodwa engingama kuyo, futhi ngizizwa ngikahle; izinto ezimbili, ikakhulukazi. Into eyodwa, ukuthi,

ngiyazi ngokusuka ezinjulweni zenhliziyo yami, ngizamile ukufundisa iZwi impela eLakusho. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyolihlonipha leloZwi. Angikhathali ukuthi yini eLishumayelayo, ukuthi Livelaphi, uma Livela kumzenzisi, uNkulunkulu uzolihlonipha iQiniso. Niyakukholwa lokho na? Angikhathali noma ngumzenzisi omkhulu kunabo bonke emhlabeni, uNkulunkulu uzolihlonipha iQiniso. Kunjalo. Ngiyazi ukuthi Leli yiQiniso, ngoba ngiLifundile kuleliBhayibheli. Ngiyazi ukuthi lelo yiQiniso. Futhi into yesibili, manje-ke, engiyaziyo, leyoNgelosi, ngenkathi Ihlangana nami lapho, Yathi, "Ungesabi, ngizoba nawe." Kunjalo.

210 Futhi, ngakho-ke, engazi ukuthi kanjani, waphuma ngaphandle kwemibono, ngaphambi kwezinto, engazi ukuthi enzeni. Uma ngithola umbono ngiyazi ukuthi ngenzenjani. Kodwa uma Engangitsheli, futhi ngifanele ngiphumele qekelele lapho, futhi ngiphonse inselelo kokuphikisayo. Khona lapho, ngiyacabanga, "Nkosi, angizange ngigweme, kodwa ngimemezele lonke icebo likaNkulunkulu. Konke okukuleliBhayibheli Othe kwenze, ngizamile ukukulandela. Ngakho-ke, Nkosi, enhliziyweni yami kulele iZwi lakho. Unesibopho sokuqaphela iZwi laKho. Uma kukhona noma yini engaziyo ukuthi kufanele ngiyenze, futhi ngingayenzanga, Nkosi, ifihliwe kimi. Ngiyazi ngizamile ukuhamba naWe, futhi ngiyazi Ukuhloniphile, nakho konke."

211 Futhi ngibatshelile abantu, nakuba kungilimaza kabi ngezinye izikhathi, ukutshela abantu; kodwa ngibatshelile, noma kanjani, ngokuba yiZwi. Futhi angisoze ngabatshela ukuthi bakwenze, ngaphandle uma ngikwenza qobo lwami. Yebo.

212 Wakhuphuka kanjalo. Khona-ke ngiyohamba ngisondele kakhudlwana, futhi ngiyacabanga, "Nkosi . . . " Ngibone lawomandla emi ngaleya, lelodemoni lilungele ukukuphonsela inselele, futhi likunika isibindi sokuza kuye. Ngithi, "Nkosi, akulona izwi lami; ngelaKho engimi kulo manje." Ngaphumela phandle lapho, ngithatha isikhathi sami.

213 Ngifika lapho, ngiyacabanga, "O Ngelosi kaNkulunkulu, mabusondele uBukhona baKho, ngokuba Uyinceku yaKhe owathunyelwa ukungivikela kulamahora. Futhi Wangethembisa lapho, uma ngihamba, Uyoba nami."

214 Ngakho-ke ngiphuma ngqo ngiqhubekele lapho, futhi ngithi, "Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngikhuluma iQiniso." Bhekisisani amademoni eklabalasa, bhekani izinto zenzeka, ngoba uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe.

215 Kodwa ukuba bengazi ukuthi lezizinto zaziyiqiniso, njengemibhaphathizo, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, nakho konke lokhu okunye ukusebenza nezinto, futhi bazi ukuthi kwakuyiQiniso, futhi ngoba nje ngangifuna ukuthandwa

ngabantu phakathi. . .futhi umuntu angimbambathe emhlane futhi athi, “Dokotela, Mfundisi ohloniphekile, noma—noma Mbhishobhi,” noma ngabe yini, “wena—wena—wena—ushumayele intshumayelo enhle.” [UMfowethu Branham umbambatha okuthize izikhathi ezimbalwa—Umhl.] Lokho ukudumisa umuntu.

216 Ngingancamela ukuthi bona bagigitheke futhi bangihleke bangihleke, futhi benze lonke uhlobo lokuhlekisa ngami, futhi ngiyazi ukuthi ngime ngokweqiniso kuNkulunkulu. Kunjalo. Yiqiniso lelo. Angifuni ukunconywa amadoda. Ngifuna ukunconywa nguNkulunkulu. Ngifuna ukwazi ukuthi angizange ngikugweme ukumemezela iQiniso. Manje-ke uma uLenqaba, lokho kukuwe. Niyabo? Kunjalo.

217 Kodwa ake nginitshele iQiniso leVangeli manje, emvuselelweni ezayo. “Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, akasoze angena eMbusweni,” Amazwi kaJesu Kristu, kuJohane oNgcwele isahluko se 3. Watshela umbusi omkhulu. Lowo kwakuyindoda yenkolo. Wayeyindoda edumile. Wayeyindoda eqotho. Wayengumfundisi. Wayeyisifundiswa. Konke obungakulindela kuye, wayeyikho. Kodwa uJesu wamtshela ukuthi wayengenakho ukuPhila okungunaphakade, ngoba wayengakaze abe nakho. . .Akazange aKuqonde. Wathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha,” awu, “angeke awubone umbuso kaNkulunkulu,” kungakhathaleki ukuthi wayekholwa kangakanani. Wayesonta ebandleni elikhulu kunawo wonke. Wayenelinye lamagama amakhulu kunawo onke. Wayengumfundisi weBhayibheli, kodwa nokho wayengakaze azibonele isehlakalo sokuZalwa ngokusha. Ingabe nawe, kulobubusuku na?

218 Ngifuna ukunibuza umbuzo, ngokucacile, futhi ephuzwini ngqo. Angikusho ukuze nginihlambalaze. Ngincamela ukuba ngihlambalazeke lapha kunokuhlambalazeke Lapho. Ubungeke yini uncamele ukwenza lokho na? Kunabaningi benu lapha abafuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

219 Abaningi benu lapha bangibhekile kusukela ngisengumfana, inganyana endadlana lapha, noma eminyakeni yami yobunjejane, ngishumayela iVangeli. Futhi angikaguquki nechashaza elilodwa eVangelini engaqala ngalo. Ngisafundisa into efanayo. Ngoba, aLinikwanga mina yikolishi elithile lobufundisi, kanjalo aLifundiswanga ngumuntu. Lifika ngesambulo seBhayibheli. Kunjalo. Ngakho-ke, ngiyazi Livela kuNkulunkulu, futhi ngihlale neVangeli elifanayo.

220 Eminyakeni eminingi edlule, ngashumayela umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu. Eminyakeni eminingi edlule, ngashumayela ukuhlanzwa komphefumulo womuntu ngeGazi likaJesu Kristu, ngokungcweliswa. Ngashumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele njengesiqiniseko, noma

ukubekwa uphawu kwabantu bakaNkulunkulu basuswe, eMbusweni. Niyazi ukuthi lokho kunjalo. Ngikufundisile ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ngikufundisile ukuFika kwesibili. Ngikufundisile ukugezana izinyawo. Ngisifundisile isidlo. Ngibufundisile ubungcwele phambi kweNkosi. Ngizifundisile zonke lezozinto, kwasekuqaleni nje.

221 Ngafundisa ukukhuluma ngezilimi, "kungesibo ubufakazi bukaMoya oNgcwele." Ngikufundisile ukumemeza, "kungesibo ubufakazi bukaMoya oNgcwele." Akukho neyodwa yalezo zinto ongathi ingubufakazi bukaMoya oNgcwele, noma bona bufakazi kuphela. Kungahle kube ubufakazi bokuthi uMoya oNgcwele ukhona. Ukucula kungahle kube ubufakazi bokuthi uMoya oNgcwele ukhona. Ukukhuluma kungahle kube ubufakazi bokuthi uMoya oNgcwele ukhona. Noma yiziphi izimpawu zingahle zibe yibo, futhi nokho akuyona into engenaphutha. Munye kuphela uMuntu Ongathi uMoya oNgcwele ukhona, lowo nguNkulunkulu uqobo lwaKhe. UnguMahluleli. Ngibabonile becula, ngibabonile bekhuluma, ngibabonile bememeza, ngibabonile bekhuluma ngezilimi, nazo zonke lezo zinto, futhi abazange. Izithelo zabo zafakaza ukuthi babengenaWo.

222 Ninakho konke ukukholwa, ngiqagele, kimi, ukukholwa ukuthi nginaWo. Nginakho, nami. Ngi...UNkulunkulu uyakwazi. Ngikholwa ukuthi ninaWo. Nginokukholwa konke kini, ukukukholwa. Ninomusa, uthando, futhi ninomoya omuhle, nakho konke. Ngiyakholwa ukuthi ni—ningabantu abangamaKristu. Ngikholwa ukuthi ninoMoya oNgcwele. Angikwazanga ukufunga ngakho. UNkulunkulu uyakwazi. Kunjalo, niyabo, ukuze singehlulele ngalezizinto. Awukwazi ukuphoqelela uNkulunkulu futhi uthi "*lokhu* yiWo," ngoba UnguMahluleli. Asizange sithunyelwe ukwahlulela. Sathunyelwa ukuba sishumayela. Ngabe kunjalo na? Kunjalo, ukushumayela!

223 Futhi ngingaletha iQiniso. Uma uLenqaba futhi uhambe, ngiyazi iBhayibheli liyasho, uma wenza lokho, khona-ke wena...Akusekho ukuthethelelwa kwezono uze ufike ukulungise lokho futhi. Kunjalo impela. Ngakho, uma ubona iQiniso, uhamba eQinisweni.

224 Futhi manje, uma uza, ngifuna ukunibuza okuthize. Bangaki lapha, yithi, "Mfowethu Bill, phandle ngqo, ngokucacile nje—nje njengoba ngingakwazi phambi komphakathi, ukuthu ngingafa ngingakaphumi ngisho kulesi sakhiwo, kodwa ngifuna ukuba uNkulunkulu azi nabantu bazi, lapha, ukuthi ngifuna umbhaphathizo weqiniso kaMoya oNgcwele"? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiwufuna ngempela oweqiniso umbh-..."? UNkulunkulu akubusise. Manje sinethuba lemvuselelo.

225 Futhi lalelani, bangane, ningezi, nithi, "Awu, manje, uma ngizizwa ngigodola ngempela, futhi—futhi uma ngiWuthola ngendlela udadewethu aWuthole ngayo. . ." Ngaleyondlela udade aWuthole ngayo, ungaWubheki ngaleyondlela.

226 Uza nje ngenhliziyo emsulwa, ukholwa ukuthi uJesu Kristu unguMsindisi, futhi uMamukelile, futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoligcina iZwi laKhe, futhi ubheke ukwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi Uzokunika Wona. Uthi, "Nkosi, ngizo. . .Noma ngayiphi indlela Wena thululeka kimi, ukuze nje ngithole uMoya oNgcwele. Yilokho kuphela engikufunayo, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nginike Okuthile okuzosusa lobu bugovu. Nginike Okuthile okuzosusa konke lokhu kwesaba nokungabaza. He, Nkosi, ungangenzi. . . Uma Ungenza ngimemeze; Ngike ngabona abanye bememeza, futhi abazange bakuphile. Ungangenzi ngikhulume ngezilimi; Nkosi, ngibone abanye bekhuluma ngezilimi futhi abazange bakuphile. Kodwa, Nkosi, faka Into ethize kimi ezophila kimi, ezongenza ngihambe nsuku zonke njengomKristu. Lokho okuzongenza ngithande izitha zami. Lokho okuyongenza ngikhulume okuhle ngalabo abakhuluma okubi ngami. Lokho okuzongenza ngilungele ukuphenduka kunoma yini engiyenza kabi, ngikhuphuke futhi ngikuvume. Ngiyothi, 'Nginephutha. Ngithethelele, Nkulunkulu.'"

227 Yilolo hlobo lomoya olufunayo, akulona na? Yebo, mnumzane. "Ngenze ngithobeke. Uma umelusi wami ebona okuthile okungalungile kimi, uyahamba futhi athi, 'Manje, mfowethu, noma dade, ubungafanele ukwenza lezizinto.' Ngenze ngithobeke, ngithi, 'Yebo, mfowethu, ngisize manje ukuba ngikhuleke. Angifuni lolo hlobo lomoya kimi. angifuni. . .'" Awufuni lolo hlobo lomoya, awunjalo na?

228 Awufuni ukuhamba ngokukhukhumele, uthi, "Awu, ehhe wayengenamsebenzi wokungitshela. Ngiyazi lapho ngimi khona." O, uma wenza lokho, bangane, ungabona khona lapho ukuthi uphumile entandweni kaNkulunkulu. Ungabona ukuthi unephutha, kwasekuqaleni.

229 Kungani ungazithobi, futhi uzithobe kuMoya oNgcwele, uthi, "Yebo, ngizobambana ngezingalo nalo lonke ibandla likaNkulunkulu ophilayo. Ngizoqhubeka. Uma ngibona okuthile okungalungile kudadewethu, ngizomkhulekela. Ngibona okungalungile kumfowethu, ngiyahamba. . .Uma eqhubeka, ngizowelela endlini yakhe bese ngithi, 'Mfowethu othandekayo, ake ngikubambe ngesandla umzuzu nje. Uyangithanda na?' 'Yebo, ngiyakuthanda.' 'Wena uyazi, si—siyaguga futhi thina. . .' Akafuni ukuphuma aye esihogweni sikadeveli. 'Futhi ngikuqaphelile wenza into ethile. Manje makuthi thina—makuthi thina wena nami sikukhulekele.'" Niyabo, into efana naleyo.

230 Bese kuthi-ke uma umfowethu engakwemukeli, khona-ke ngeke ukwazi ukusiza lokho. Khona-ke uthola omunye umzalwane ukuba ahamba nawe. Bese kuthi-ke uma ezidla, khona-ke usuyidlalile indima yakho, yilokho kuphela. Khona-ke hamba utshele ibandla, futhi lokho kuyakuxazulula, niyabo.

231 Manje, nazi kahle nakakhulu, nalesi sigejane esincane sabantu esihlezi khona lapha, usibonile isandla sikaNkulunkulu uSomandla phezu kwalezo zinto. Niyazi abantu abake bahamba khona lapha, abazisho ukuthi banoMoya oNgcwele. Niyakwazi lokho. Futhi benyukela lapha base bezidla, futhi benganaki, nakho konke okunye, bese bephuma.

232 Ngenkathi ngibuya, umelusi wangitshela, ngobunye ubusuku. Wathi, "Uhambile ukuyombona na?"

"Ya."

"Uthathe omunye umuntu na?"

"Ya."

233 Ngiyakhumbula ngenkathi uMfowethu Shelby engitshela mayelana . . . Nabanye, abehlukene abaya kubantu, bezama ukuba . . . Ngaya kubantu. Ngathi . . . O, he, bangibhuqa futhi basho yonke into. Bangibiza ngakho konke. Ngathi, "Manje, bheka, mngane wami othandekayo, lokhu ngeke kusebenze."

234 "O, he, usanda kuphumela ezweni, futhi uhlubukile. Futhi wena u*njena*, futhi awutholi miphefumulo esindiswayo, nakho konke *kanje*. Futhi konke ocabanga ngakho . . . "

235 Ngathi, "Awucabangi ukuthi ngilandela uMoya oNgcwele, ukuhola na?"

236 "O, unephutha! Uyi*lokhu*, *lokho*, noma o*kunye*. Ufanele ungilalele! Yimi engikutshela ukuthi wenzeni!"

237 Futhi uyabona ngaleso sikhathi ukuthi ngudeveli. Ngase ngithi, "Bukani, kusukela manje kuye phambili, kusukela manje kuqhubeke, uma ungeke ubuyisane nebandla; bayakuthanda, kodwa uma ungeke ubuye, khumbula . . . Ngiye kini izikhathi ezine noma ezinhlanu, ngamunye wenu. Khona-ke ngishilo futhi, ngathatha abanye nami, futhi angeke nibuyisane. Manje ngizokusho phambi kwebandla, futhi, kusukela manje kuqhubeke, ufanele ube njengomhedeni nomthelisi." Lelo yiZwi likaNkulunkulu, akunandaba ukuthi Lizwakala liyisicaba kanjani. Lelo yiZwi likaNkulunkulu.

238 Khona-ke ngaya ebandleni, ngase ngithi, "Kusukela manje kuqhubeke, laba bantu abasibo abafowethu nodadewethu, ngoba sebezehlukanisile nathi, kubukeka sengathi abanawo uMoya, futhi uphumile, futhi niyabona ukuthi kwenzekeni." Kunjalo. Kunjalo, uyabona ukuthi kwenzekeni.

239 Awukwazi ukufika ngaseZwini likaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu ethi yenza into ethile, yilokho impela uNkulunkulu aqonde ukuba kwenziwe. Kunjalo.

240 Ngakho-ke manje ake sihlangane ndawonye. Asibe yisigejane sabantu lapha, kulelitabernakele elincane elidala, hhayi ngoba . . . Uma ufuna ukususa lelogama lami ngaphambili lapho, lokho . . . Bavele babeke lelo lapho. Vele ulibize noma yini oyifunayo. Mina . . . akwenzi mehluko. Ungavele nje ukubize ngokuthi "ibandla," uma ufuna. Akudingekile kube itabernakele lika "Branham." UBranham akahlanganise lutho nakho, lutho nhlobo, lutho. Bavele bafaka igama lami phezulu lapho ngoba itayitela lalisegameni lami lapho, futhi balithumela ngeposi.

241 Futhi ngehlela lapho futhi ngasebenza ngesikhathi sencindezelo, futhi—futhi bengenisa okweshumi kwabo. Esikhundleni sokuthi ngikugcine futhi ngingasebenzi, Ngafaka okwami okweshumi, neminikelo yami phakathi, nemali phakathi, futhi sakha itabernakele lapha. Futhi lakhelwe phezu kwezipho zabantu abanginika zona, ukuze ngiziphilise ngazo. Ngasebenza ngase ngikubuyisela etabernakele, futhi kungalesosizathu belibiza ngeTabernakele likaBranham. Lokho akuhlangene nangokukodwa nakho. Uma libizwa ngetabernakele likaNeville, libizwa nganoma yini oyifunayo, akwenzi mehluko. Yindawo encane nje uNkulunkulu asinika yona ukuthi sibeke amakhanda ethu.

242 Futhi phakathi lapha siza futhi sikhonze iNkosi, sifundise iBhayibheli ngeqiniso nje njengoba sazi ukuthi kanjani. Mfowethu, kuphonselwe inselelo ezizweni zonke, ezindaweni kulo lonke uhlobo lwento, futhi nokho iZwi likaNkulunkulu liqhubekela phambili ngokufanayo nje, lihlanzekile nje, futhi liphelele, futhi lingaxutshwe nalutho, njengoba Lingaba njalo. Woza uhlanganyele nathi manje; hhayi ukujoyina ibandla, hhayi ukujoyina thina. Kodwa woza ujoyine kuJesu Kristu. Mthandeni. Futhi uma uNkulunkulu elihloniphe kangaka iZwi laKhe, ukuphulukisa abagulayo, kanye ne—nezimpumputhe, nabahluphekileyo futhi wawushanela emhlabeni wonke, impela Wayengeke angivumele ngiphume nephutha ngaleyonkathi, Ubengakwenza na? Futhi . . . ? . . . Uma Likhona lapha, lilotshwe eZwini likaNkulunkulu, ningaLenqabi, bazalwane bami. Lemukeleni, ngoba YiNkosi uJesu.

243 Futhi, nonke, tholani umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Masibe umndeni owodwa omkhulu ojabule. Khona-ke ungangena, uthi, "Awu, nginoMoya oNgcwele; udumo kuNkulunkulu, sengizoba nezipho manje!" Shiyani izipho phansi; zizozinakekela, niyabo. UNkulunkulu, uma Ebona ukuthi Ufuna ukukusebenzisela okuthize, Uzokutshela okufanele ukwenze, futhi uhambe ukwenze. Ungafuni izipho. Funa uMnikezeli. Ngena futhi wemukele uMoya oNgcwele. Ngikholwa ukuthi sizoba nesikhathi esimangalisayo, aninjalo na?

244 Manje, siyini isono esingenakuthethelelwa na? Ngukona ngamabomu, ngemva kokuba sewemukele ukwazi kweQiniso.

Ngabe kunjalo na? "Ngokuba lowo owonayo..." Futhi siyini isono na? Ukungakholwa. Uma uLibheka bese uthi, "IQiniso lelo," kodwa uyenqaba ukuLemukela. "Lowo owonayo, noma ongakholwa, ngamabomu, emva kokuba esemukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo wesono." Nalo iQiniso. Nalo Lilele lapho. Futhi ncamashi njengoba nje ukhuphuka...

Nansi into efanayo ngendlela enkulu. Ake sibheke. Ngizovala-ke.

245 Nango uJesu Kristu, UyiNdodana kaNkulunkulu; ukuMemukela kungukuPhila, ukuMlahla kungukufa. Yenza okufunayo. Uthi, "Awu, manje, angiKukholwa. Awu, ngiyanitshela, angiKukholwa. Angikukholwa nje." Awu, uma ungakukholwa, lokho kukuwe; awunakuPhila, yilokho kuphela. Ngoba, Lelo yiQiniso. Kunjalo. Kulungile.

246 Into efanayo kunoma yiliphi elinye iQiniso. Lokho kulungile. Ukwala, ukwenqaba, ukungalikholwa iZwi likaNkulunkulu, kuyisono esingenakuthethelelwa. Awusenalungelo. Uma ukhuphuka, futhi uthi, "Awu, angikholwa ukuthi WayenguKristu," khona-ke awusoze wasindiswa uze uphenduke kulokho futhi ubuyisane naYe. Uthi...Leli yiQiniso likaNkulunkulu, futhi Livezwa kuwe, futhi uthi, "O, angiLikholwa," khona-ke unqunyiwe kuNkulunkulu uze uphenduke futhi uze eqinisweni. Ngabe kunjalo na?

247 Kwangathi iNkosi enhle inganibusisa ngokucebile ngempela. Kwangathi Inganigcina niphilile.

248 Ngikhulekeleni ngisahambile, (nizokwenza lokho na?) ukuthi uNkulunkulu uzonginika ukuphepha, futhi ngibuyele emuva futhi ngenxa yemvuselelo. Futhi, manje-ke, phezu kwalesisisekelo seQiniso likaNkulunkulu elilotshiwe, sisungula imvuselelo ezayo. Sengathi uNkulunkulu anganibusisa sisakhothamisa amakhanda ethu.

249 Mfowethu Teddy, uma uzokhuphukela lapha opiyanweni umzuzwana nje, siphe iculo elincane lohlobo oluthize, sisesemkhulekweni manje.

250 Baba, lokho okude, ukufundisa okude, okunzima, okusikayo; ukuzwa uMoya oNgcwele efika kuqala emhlanganweni futhi asinike isibusiso, ukuthi Ukhona, ekuqaleni kokufundisa. Ukwazi ukuthi Yena ubelapha! Bese-ke ecabanga, ephendukela eZwini, ephuzwini elihle kakhulu lokuthi isono esingenakuthethelelwa singaba yini, besiyoba yini... ukungalaleli noma ukwenqaba iZwi likaNkulunkulu.

251 Manje-ke, Baba, sibheka lokho, futhi sicabange, "O Nkulunkulu, ngihlanze kukho konke ukungakholwa. Mangikholwe ukuthi leliBhayibheli liyiZwi laKho. Mangikholwe ukuthi Lilotshwe lapha ukutusa nokuqondiswa, ukuze umuntu ame phambi kukaNkulunkulu, engenasici, azi ukuthi leNcwadi efanayo siyokwahlulelwa ngayo."

252 Futhi Wathi, "Ubusisiwe ogcina amazwi aleNcwadi, awenze. Ofanayo uyoba nelungelo eMthini wokuPhila. Kodwa labo abangeke bakwenze, bayothathwa njengezinja nabathakathi, njalonjalo, abayophonselwa ngaphandle, okuphela kwabo kungukushiswa. Ubusisiwe ogcina amazwi. Futhi lowo ozosusa kuleNcwadi, abeka into ethize endaweni yaYo, okufanayo kuyosuswa, igama lakhe, likhishwe eNcwadini yokuPhila. Kodwa noma ubani oyogcina yonke lemiyalo, futhi enze lezizinto, uyoba nelungelo eMthini wokuPhila."

253 Nkulunkulu, siphe khona, ukuthi mina, thina kulelibandla kulobubusuku, siyohlala njalo sihamba ekuKhanyeni kweBhayibheli, futhi siyokwenza nje izinto iBhayibheli elizishoyo; singabheki kwesokudla noma kwesokunxele, noma ukungakholwa. Lokho iZwi laKho eliyikho, yiQiniso. Sisize Baba.

254 Manje bekukhona izandla eziningi, o, ishumi nambili noma ngaphezulu, eziphakamile, mhlawumbe ngaphezulu. Ishumi nanhlanu noma amashumi amabili, abebefuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho kufakazisa ukuthi balambile, Nkosi. Futhi Wena wathi, "Babusisiwe abalambileyo." Ngani? UMoya oNgcwele usevele ukhulumile kubo. Futhi babusisiwe, ukulamba ngempela, bazi ukuthi uNkulunkulu unabo, futhi ebanika lokho kulamba. O, ngokwazi ukuthi kukhona okuthize laphaya kwabo, inqobo nje uma bekulambele! Njengoba nje umuntu elambele ukudla, kufanele kube nokudla angakudla.

255 Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa bonke. Baphe ukuthi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngisho nangaphambi kokuba kuqale imvuselelo. Ngaphambi kokuthi lo mhlangano uphume kulobubusuku, siphe, Nkosi, ukuthi uMoya oNgcwele uzoza kuso sonke isidalwa esifayo lapha futhi ugcwalise yonke inhliziyo ngaMandla aKhe nodumo. Siphe khona, Baba.

256 Manje, philisa abagulayo ophakathi kwethu. Futhi, Nkulunkulu, yiba nathi, usibusise. Busisa uMfowethu Neville othandekayo. Sikhulekela ukuthi Uzomgcina ezithobile, Nkosi. Futhi umnikeze lezo ezimangalisayo, izintshumayelo ezinamandla nezimfundiso akade ezinikezela ebandleni, ngokwazi ukuthi yiVangeli likaJesu Kristu elihluzile, elinengqondo, elingaxutshwe nalutho. Nkulunkulu, vele wehlisele izibusiso phezu kwakhe. Busisa umkakhe nomndeni wakhe. Sibusise sonke ndawonye, amalunga, wonke umuntu, ndawonye, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Manje, Mfowethu Teddy, ake . . .

257 Unezwi ofuna ukulisho, Mfowethu Neville, noma yini ngokusakaza ngoMgqibelo ozayo na? Ngicabanga ukuthi konke . . . [UMfowethu Neville uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngokusakaza kwangoMgqibelo ozayo. Bangaki abezwa

uMfowethu Neville ekusakazeni na? Une, ngiyakholwa, isigamu sehora manje. Ngabe kunjalo na? [UMfowethu Neville ukhuluma noMfowethu Branham.] Yebo, qhubekela phambili.

[UMfowethu Neville uthi, "Noma yimiphi iminikelo yokusakaza, kulobubusuku, omunye uvele anginikeze yona emva kwenkonzo. Sizoyithokozela. Asinayo imali eyanele ngempela yokusakaza ngoMgqibelo, kodwa izoba lapha uma isikhathi sifika, ngakho sibonga iNkosi ngalokho. Sengathi uNkulunkulu anganibusisa manje."—Umhl.]

258 UMfowethu Neville, yima khona lapho emnyango lapho abantu bephuma khona, nalapho, uma benokuthile kwalokho, uma uthanda, mfowethu. [UMfowethu Neville uthi, "Amen."—Umhl.] Lokho kuhle, ukuze uma uqiniseka manje ukuthi uyakuthola. Manje, kungokokusakaza kwakhe. Uzama ukuhlala emoyeni. Uhlangana nabantu phandle phakathi lapho, nabantu abangeke beze kulelitabernakele.

Izikhathi eziningi, ngike ngenza ukulinga.

259 Abantu bathi, "Awu, uMfu. Branham, uzoza futhi angikhulekele na?"

Ngithi, "Wozani etabernakele."

260 "Awu, e, e, uyazi, e, e, angikwazi nje ukuthola isikhathi sokwenza lokho."

261 Niyazi ukuthini? Bangantamo-lukhuni kakhulu, ingxenye yesikhathi, ukuba bazithobe ukuze beze kulokhu. Kunjalo impela. Mhlawumbe umelusi wabo uthi, uma omunye ebafica phezulu lapha, bayesaba ukuthi bazoba nabakanye nabo abangalungile. Uma becabanga lokho, bekungeke kusize ngalutho ukubakhulekela, noma kanjani. Kunjalo.

262 Niyazi ukuthi umprofethi wathini kuNamani na? Wathi, "Yehla uyocwila eJordani, amanzi ayo anodaka nangcolile."

263 Wathi, "Ngani, amanzi ezweni lami ahlanzekile kunalawo."

264 "Awu, buyela emuva nochoko lwakho khona-ke" kunjalo, waze wazithoba futhi waphumela lapho eJordani elinodaka, futhi wacwila kasikhombisa njengoba umprofethi emtshelile. Uchoko lwakhe lwasuka kuye. Kunjalo.

265 Uma begogobele kakhulu futhi benesitashi ukuba beze etabernakele, khona-ke okwabo . . . bangahlala nochoko lwabo khona-ke. Kunjalo impela. Nkulunkulu, yiba nomusa!

266 O, he, bangane, lapho ngibona usuku luza, ngibona iminyaka yami ishelela lapha, nakho konke, ngenzeni na? O, ngizwa sengathi angenzanga lutho. Ngifanele ngenzele iNkosi uJesu okuthize. Ngi—ngifanele ngenze okuthize. O, ngi . . . inhliziyo yami iyahlephuka kimi manje. Ngizizwa ngikahle futhi nginamandla. Futhi a—angazi ukuthi ngithini. Sekuyiminyaka ngingashumayeli, futhi manje sengiqala manje

ukuqala ukushumayela. Angazi nje ukuthi ngenzeni, kodwa ngifuna ukuzuza imiphefumulo kuKristu. Lokho ngukuthi . . . Ngifuna ukulungisa umuntu noNkulunkulu. Yilokho kuphela. Futhi nokho, phakathi lapho, ngizizwa sengathi lokho i—inkonzo Anginike yona, futhi nokho ngithole imiphefumulo engaphezu kwengxenye yesigidi kuYe. Kodwa, lokho, lokho kubonakala kukuncane kakhulu, ezigidinigidini ezisezweni, ezingenabukristu, niyabo.

267 Bheka nje izigidi nezigidi nezigidi ezisazohamba! Asihambe, bangane. Asihambe. Mhlawumbe awukwazi ukuwela ulwandle, kodwa ungakwazi ukuwela isitaladi. Asenze okuthile. Masenze okuthile ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

UNkulunkulu anibusise, sisamile manje.

268 Ngifuna ukunibuza manje, njengoba sicula iculo lethu lokuphuma, *Hamba NeGama LikaJesu*. Bhekani, hamba neGama likaJesu, njengesihlangu kuzo zonke izitha. Kunjalo. Lapho izilingo zikuzungeza, phefumula iGama laKhe elingcwele ngomkhuleko. Bangaki ozohamba naLo kini, kulobubusuku, bethi, "Nkulunkulu, ngizoKuthanda, Nkosi Jesu. Ngifuna Uhambe nami?" Phakamisa izandla zakho phezulu kakhulu manje. Kulungile. UNkulunkulu abe nawe, mfowethu nodadewethu ongumKristu. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Li—Lizokunika injabulisa nenduduzo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba . . .

269 Manje ngenkathi sisacula ivesi elilandelayo, phenduka bese uxhawula umuntu oseduze kwakho manje.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi
  kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi
  kangaka!
Themba lomhlaba no . . .

270 Ngifuna ukunibuza okuthize. Niyangithanda na? Anisho . . . [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngifuna nenze okuthize. Kunomehluko omncane lapha ngasetabernakele. Sifuna ukuba yiqembu elikhulu elinobungani, niyabo. Masixhawulane

nawo wonke umuntu. Ungami kumuntu oyedwa isikhathi eside kakhulu. Vele ufinyelele ngale futhi uthole omunye, “Ngiyajabula ukuba nawe, mfowethu. Buya. Ngiyajabula ukuba nawe, dade. UNkulunkulu akubusise.” Xhawulana nawo wonke umuntu. Uma ufuna ukuvakasha, ungaya ekhaya futhi uvakashe. Kodwa masixhawulane nawo wonke umuntu. Niyabo? Hamba uzungeze futhi uxhawulane nawo wonke umuntu, bese uphuma esakhiweni, uthokoza. Ngeke ukwenze lokho na? UNkulunkulu anibusise.

271 Sisakhothamisa amakhanda ethu. UMfowethu Ruddell, emuva lapho, ungasikhipha ngomkhuleko uma uthanda, Mfowethu Ruddell.

